# *UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade*

Sawubona? Ningahlala phansi. Lokhu ngempela kuyinhlanhla ukubuya futhi, kulobubusuku, eBeaumont, eTexas. Selokhu ngibe lapha okokuqala, bengihlala njalo ngilangazelela ukubuyela futhi ukuba ngikhonzise futhi ngihlanganyele ngaseZwini likaNkulunkulu kanye nani bantu abathandekayo, futhi, anizange nisuke enhliziyweni yami. Ngingazikhumbula izinto eziningi ezinkulu ezenzeka ngesikhathi sokugcina ngilapha eBeaumont. Ngakho, ngikholwa ukuthi sekube yiminyaka eyishumi nambili eyedlula, cishe.

2 Ngiyakhumbula kwakukhona, abantu, sasisanda kuba nomhlangano omkhulu ngale eHouston. Khona-ke ngi . . . Noma ngabe ngasuka lapha ngaya eHouston na? Lapha, kusukela eHouston, lapha. Futhi yilapho iNgelosi yeNkosi yehla khona, baYithathe isithombe. Futhi nje ku . . . Ngicabanga ukuthi cishe banezithombe eziyisithupha noma eziyisishiyagalombili zaLokho kusukela ngaleyonkathi, niyazi, izindawo ezehlukene, ezintathu eJalimane maduze nje. Banaso esisodwa esinombala se*Kodachrome*, enhla e, ndawondawo ezinkundleni zemibukiso eCalifornia, eLakeport, eCalifornia, lapho iChristian Business Men yayine . . . Kuyi, ngempela, isithombe esihle soBukhona baKhe, lowoMlilo ophuzi uvutha nxazonke.

3 Lesi, kusobala, sathathwa ngokumnyama nokumhlophe, futhi nje kuKukhombisa njengokumhlophe, kodwa KungukuKhanya okuphuzi ngempela. Futhi njengoba bengihlala ngisho selokhu, njengomunye walaba bafana abancane lapha, kwakuyi, ngathi okuhlaza satshani-phuzi. Ngangingazi ukuthi kwakuyini *okuphuzi*, ngakho ngavele ngathi okuhlaza satshani-phuzi.

4 Ngenkathi ngizwa ngolunye usuku abafana waye—wayekhuleka, futhi, ngokuthi iyiphi indlela okufanele ihanjwe ngenkathi siqala ukuphuma kuqala onyakeni, futhi indawo yokuqala eyawela enhliziyweni yami kwakuyiBeaumont, eTexas. Ngathi, "Ingabe unabo oxhumana nabo na?"

Wathi, "Abaningana."

5 Ngathi, "Qala ukubashayela ucingo khona-ke. Sizoqala lapho, futhi nje sibone ukuthi iNkosi izosiholela kuphi." Lona ngumhlangano wethu wokuqala emva ko—kokuqala konyaka.

6 Esikhashaneni esedlule, ngitshelwe yindodana yami, futhi sehla nendodakazi kaMfowethu Jack Moore sivela ehhotela, noma ehhotela labahamba ngezimoto, njalo, bebekhuluma,

futhi ngikholwa ukuthi uBilly ungitshelile ukuthi umfowethu, umelusi walelibandla, angikaze ngihlangane naye, ngaphandle uma kuyilowo engixhawulane naye khona lapha, obekade ekhuleka iminyaka ukuba ngibuyele eBeaumont.

7 O, a—angisoze ngazi ukuthi ngingabathakasela kanjani abangane abathembekile kanjalo size siwele umfula, ngesinye isikhathi, indoda ekholwa kangako enkonzweni iNkosi uJesu eyanginika yona. Akumangalisi ukuthi angikwazanga ukucabanga nganoma yini enye ngaphandle kweBeaumont ngalesisikhathi. Umkhuleko uguqula izinto.

8 Futhi ngizwile ukuthi bekukhona omunye umfowethu owayijoyina emkhulekweni ohambe waya eNkazimulweni. UBilly ubengitshela ngakho emizuzwaneni embalwa edlule, njengoba uJack, nami, futhi wehla evela ehhotela. Awu, akungabazeki kulobubusuku, eZweni elingcono kunalokho leli eliyikho, yena ufanele azi ngakho.

9 Ngikholwa ukuthi—ukuthi lapho umuntu efa uvele nje, *ukufa* kusho, "ukwehlukana," wehlukana kuphela ekuboneni kwethu, kodwa uphila njalo. "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akasayikuya ekulahlweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." O, ngi—ngiyakukholwa lokho!

10 Singeke safa, sinokuPhila okuPhakade. Phakade, noma yini ePhakade ayikaze ibe nesiqalo noma isiphetho, ngakho lokho ngukuPhila kukaNkulunkulu uQobo. UkuPhila okuPhakade kuvela egameni lesiGreki lapho, *Zoe* okusho ukuthi, "UkuPhila kukaNkulunkulu uQobo" kukithi. Futhi lapho siba ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, khonake siphila njengoba nje uNkulunkulu ephila, angeke sisafa kunoma Engafa, ngakho siyingxenye yaKhe. Anijabuli yini ukuba amadodana namadodakazi kaNkulunkulu na? Into emangalisa kanje pho!

11 Niyazi ngicabanga ukuthi eminye yemihlangano engcono kunayo yonke esake saba nayo isemabandleni. Manje, ngithanda . . . Ngezinye izikhathi imihlangano, niyazi, ifika endaweni lapho thina, izixuku zinkulu, asikwazi ukungena e, emabandleni amancane, kanjalonjalo, noma amabandla amakhulu, kodwa kukhona *okuthize* ngendlu yesonto. Manje ngethemba ukuthi anizukucabanga ukuthi ngiye ngakuchezukela ekuthukutheleni kwengane okuthile selokhu nginibonile okokugcina, kodwa, niyazi, ngikholwa ukuthi indawo, ibandla, yilapho uNkulunkulu ehlala khona, IziNgelosi zihlala phakathi kwamabandla, yindawo enikelwe enkonzweni kaNkulunkulu.

12 Phandle kulamahholo amakhulu, nezinto, sithola ukuthi banamaphathi, imidanso, bephuza, nakho konke, futhi uzizwela u—umoya ongabonakali kahle. Kubonakala sengathi nje kuyi . . .

Futhi, kungenjalo, uMoya oNgcwele njalo ubonakala usebenza ngokwehluke kakhulu lapho usebandleni, niyazi, ndawo ndawo, ikakhulukazi kwelihle, ibandla eligcwaliswe ngoMoya, lapho abantu begcwaliswe ngoMoya oNgcwele, nezibonakaliso ezinkulu nezimanga zenzeka, nabantu abakholwa yilezizinto ukuthi ziyiqiniso.

13 Abantu bayibandla. I*bandla* yigama elisho ukuthi, "ababizelwe ngaphandle." Ngumzimba wabantu obizelwe ngaphandle kwezwe ukuba uhambe noNkulunkulu, lelo yibandla. Ngijabula kakhulu ukuba ngomunye walabo, kulobubusuku. Ukuba benginezimpilo eziyikhulu ukuba ngiphile, futhi bekungekho ikamuva emva kokufa kwami, bengisazofuna ukuziphilela zonke ngoJesu Kristu, kunjalo, mina, kusho lokho kimi.

14 UMfowethu Jack ubengikhombisa isikhangiso, ngime nebandla lakhe izolo ebusuku, ngehla, elikahle kakhulu, ibandla lokomoya eShreveport, eLouisiana, futhi ubengikhombisa isithombe ayesifake ephepheni ngenkathi ngilapho eminyakeni eminingana edlule, ushintsho ngempela, umuntu ubengeke azi ukuthi bekungumuntu ofanayo. Kodwa kukhona *okunye ngandlela thize* kulomzimba womuntu ukuthi siyaguga futhi sibole, yilokho kuphela, kodwa umoya wethu uhlala ufana, futhi ungeke ufe.

15 Ngishilo izolo ebusuku ebandleni likaMfowethu Jack, ngithe, "Uma besingaqonda, *lesi* yisandla sami, *lona* ngumunwe wami, *lena* yindlebe yami, *leli* yikhala lami, *leli* ngamehlo ami, kodwa *mina* ngingubani na? Ubani *mina* ongumnikazi walokhu na? Akusi*mina lona*, *lena* yinto ethize engeyami." Niyabo, ungumoya, awukaze u*ngi*bone, ubona lokho okungokwami oku*ngi*khombayo, kodwa awukaze u*ngi*bone.

16 Njengoba iBhayibheli lathi, "Akakho oke wabona uNkulunkulu noma nini, kodwa ozelwe yedwa kuYise uMbonakalisile." UNkulunkulu wayekuKristu ebuyisana neZwe kuYe uqobo. Babonile ukuthi uNkulunkulu wayeyini, ngoba Waziveza Yena uqobo ngoKristu, ngoba Wayenokugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba, Wayekwazi ukuveza *Yena*.

17 Kodwa manje, bese kuthi-ke njengoba singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, nezindlalifa kanye naYe eMbusweni, khona-ke siMveza ezimpilweni zethu. Ngezinye izikhathi, uma—uma abaningi bethu bebengaphila nje izintshumayelo zethu esikhundleni sokukushumayela, ngicabanga ukuthi bekungaba—bangcono, uma nje siqhubeka futhi siphile intshumayelo. Uyazi kungcono kakhulu ukungiphilela eyodwa kunokuba ungishumayelele eyodwa, ngiyakholwa, ngoba ngi—ngi—ngiyayibona impilo yakho. UNkulunkulu ubuka izimpilo zethu, nezwe libuka izimpilo zethu, ufuna ukwazi ukuthi izimpilo zethu ziyini.

18 Futhi abantu bayasazi, akunandaba, isenzo sethu—sethu sinomsindo kakhulu siminzisa ubufakazi bethu. Kuya ngokuthi sithini: Uma singamaKristu, futhi singakuphili, khona-ke abantu bazi kangcono; kodwa lapho singamaKristu, futhi sithi singamaKristu, futhi siphila njengamaKristu, izimpilo zethu zizokwenza khona uma singazange sisho lutho olunye. Izimpilo zethu, siyizincwadi ezilotshiwe, ezifundwa ngabantu bonke, ngakho bayabhekisisa ukuthi uhamba kanjani.

19 Futhi bengicabanga ngoluny'usuku ngokubekwa uphawu ngoMoya oNgcwele, uphawu luphawulwe nhlangothi zombili, bayakubona uza, futhi bakubone uhamba. Kubukeka njengomKristu eza, ubukeka njengomKristu ehamba, ngakho, lapho ubekwe uphawu nguMoya oNgcwele.

20 Ngakho kulobubusuku ngi—nginesikhulumi kanye nami, uMfowethu Jack Moore, ngineqiniso ukuthi nonke niyamazi. Futhi—futhi ngehla ukuba ngithi ukukhulekela abanye babafo abagulayo, noMfowethu Jack ubezongishumayelela, ngakho-ke ngineqiniso ukuthi niwujabulele umlayezo wakhe, u—uyisikhulumi esihle.

21 Futhi—futhi a—angisuye umshumayeli, ngakho ngithe nje ukusho njalo ukuthi ngangiyithayi eliyisipele; futhi ithayi eliyisipele, ulisebenzisa lapho usuneliphantshile. Manje, asinawo aphantshile, ningakubona lokho kulobubusuku, kodwa *ngandlela-thize enye* sizogingqika kancane ethayini eliyisipele, mhlawumbe, uma iNkosi izokuvumela.

22 Manje, ngicabanga ukuthi banenye indawo abazoya kuyo kusasa ebusuku, ngikusho lokho ngabafo abangaphandle, okungukuthi, ngiyakholwa, kuzoba khona indawo yokuhlala. Ngabe kunjalo, Mfowethu, Melusi na? Kodwa ngiyabonga ngethuba lokuza empendulweni yomkhuleko walomfowethu, ngiyabonga.

23 Nkulunkulu busisa lelibandla, busisa lomfowethu, lonke ibandla lakhe, isigejane esihle sabelusi ababambisanayo. Omunye ungitshelile, ngiyakhohlwa ukuthi mangaki amabandla abengena ukuzobambisana ukuba nomhlangano. Ngiyakuthakasela ngempela lokho, bazalwane. Si—asihlukene, sonke singumzimba owodwa.

24 Lokho kwafakazelwa *kanjalo* e—eHouston, ngenkathi iNgelosi yeNkosi ivumele kuthathwe isithombe saYo okokuqala ngqa lapho. Ngenkathi kukhona into ethize efanayo, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu bekusengozini, sonke esikukholwayo, khona-ke imehluko yethu emincane yakhohlwakala, wonke umuntu wavele wadonsa nje wangena ngqo, wahlangana ndawonye.

25 Ngicabanga ukuthi . . . Ngenkathi uSolomoni akha ithempeli lokuqala lasikwa emhlabeni wonke, langeniswa ngomkhumbi, lasikwa ezinkwalini, ne—nemisedari egawulwe eLebanoni, futhi

yantanta yehlela eJopha, futhi yadonswa ngenqola yezinkabi, kanjalonjalo. Futhi lalakhiwe ngobuciko kakhulu ngangokuthi ngenkathi ithempeli lihlangana ndawonye, lalinazo zonke izinhlobo zamancane, amatshe abukeka eyinqaba kulo, kodwa ngenkathi beqala ukufunda ipulani edwetshiwe, konke kwakuseplanini edwetshiwe, futhi kwakungekho ngisho nokukhala kwesaha, noma umsindo wesando iminyaka engamashumi amane ekwakheni ithempeli.

26 Ngicabanga ukuthi yileyondlela uNkulunkulu asike akhipha ngayo abantu baKhe bonke, omunye unemvelo yohlobo olulodwa, omunye enye, kodwa bonke bangamaKristu, amatshe afakiwe, ahlanganiswe ndawonye phezu kweTshe legumbi eliyiNhloko, uKristu Jesu. O, nanso iNto esemqoka! Abaningi kakhulu bayalenqaba leloTshe legumbi eliyigugu, lapho sonke sakhiwe ndawonye, sihlanganiswe ngosimende ndawonye ngothando lukaNkulunkulu, kunjalo, uthando lukaNkulunkulu. Futhi ngenkathi sinalokho, akukho lutho oluzosehlukanisa, akukho lutho olungasehlukanisa phakathi, inqobo nje uma sithandana.

27 Sengibe ngumfundisi iminyaka engamashumi amathathu nanye, ngibone zonke izinhlobo zeziphiwo, ngiye nga— ngimbonile uNkulunkulu enza izinto ezinkulu, kodwa into enkulu kunazo zonke engike ngayibona empilweni yami kwakuwuthando. Lungamandla amakhulu kakhulu amisa noma yini ekhona, luthando, uthando olwanyakazisa uNkulunkulu onamandla. "UNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa." Uthando luyinothi elikhulu eliqavile, into esi—esiyishiya ngaphandle, yinto ethize ePhakade.

28 Bengikhuluma namhlanje, ngehla noMfowethu Moore, ngathi, "Thatha njengothando lwe, uthando, uthando lwemvelo, uthando lomathandana, olubizwa ngothando lwe*phileo*, Uthando lokumesaba uNkulunkulu luyi-*Agapao*, kodwa othandweni iphileo, wena uyaphuma, ubona uMariya noMarta, uhamba noMarta, uthi, futhi—futhi wena uthola uMariya, kukhona okuthize ngoMariya okwehlukile kuMarta, nakuba uMarta engomuhle kunabo bonke, kodwa nokho wena uthanda uMariya okwedlula konke." Manje, uma kukhona uMariya noMarta lapha, angi . . . Ngisebenzisa lokho nje njenge . . . niyazi.

29 "Ngakho, kodwa uthola ukuthi yintombazane oyithandayo, kukhona okuthize ngayo, uthi nje ungayibona, uyazi ukuthi uyayithanda, uyacabanga, 'O, he, uma nje bengingazikhipha kanye naleyontombazane!' Awu, ekugcineni uyakwenza, ucabanga ukuthi bekungawenelisa lowomuzwa, akukwenzi. Khona-ke uyacabanga, 'Uma bengingahamba nayo kancane kancane, lokho bekungakwenza.' Ekugcineni, usukwazi ukuhamba nayo kancane kancane, akukwenzi. 'Uma nje ibingangivumela ngiyange ngithi ubusuku obuhle ngesinye

isikhathi, lokho bekuyokwenza.' Kodwa, ekugcineni, lokho kuyenzeka, futhi akukwenzi. 'Awu, uma ibingangishada, ngiyazi bekuyokwenza.' Akukwenzi.

30 "Ngisho nobudlelwane bomndeni, uyithanda kakhulu kakhulu, uzwa sengathi ubungayidonsa idabule kuwe, futhi ufinyelele emuva, bese uphinda uyidonsela emuva, uzama—uzama uku . . . Leso yisisho esiluhlaza, bengingakuqondile kanjalo, niyabo. Kodwa ngi—ngiqonde ukuthi, engizama ukukusho, uyayi*thanda*, uyayi*thanda*, uyayi*thanda*, futhi akukho ndawo ongathola khona . . . Kuyini na? Iyingxenye yomphefumulo wakho, iyingxenye yakho, kunjalo."

31 Lokho yi—lokho yi . . . Futhi uma . . . Yileyondlela uNkulunkulu ayiyo. Lapho uza futhi uthole uKristu enhliziyweni yakho, akukho ndawo ongama kuyo, qhubeka nje uqhubeke, *lo*mhlangano, *lowo*mhlangano, *le*nto, *leyo*nto. Kungukuthi:

> Uthando lukaNkulunkulu, lucebile futhi lumsulwa kanjani!
> Alunamkhawulo futhi luqine kanjani!
> Luyohlala isikhathi eside kuze-kube phakade,
> Iculo labangcwele nezingelosi.

O, ngi . . . Abantu bezama ukukala uthando lukaNkulunkulu, omunye wabo wabhala:

> Uma thina ngoyinki sigcwalisa ulwandlekazi,
> Futhi izibhakabhaka zenziwa ngephepha lesikhumba;
> Lonke uhlanga emhlabeni luwusiba,
> Futhi wonke umuntu wayengumbhali ngokomsebenzi;
> Ukuloba uthando lukaNkulunkulu waPhezulu
> Bekuyokomisa ulwandlekazi; (He!)
> Futhi umbhalo ogoqwayo wawungaqukatha wonke,
> Nakuba unwetshiwe kusukela esibhakabhakeni kuya esibhakabhakeni.

32 Uthando lukaNkulunkulu lunjani pho! Ngakho yilokho esikholelwa kukho, sithandane.

33 UJohane, emva kokuba esebuyile esiQhingini sasePatmose phandle oLwandle i-Aegean, into kuphela ayengayisho kwakungukuthi, "Bantwanyana, thandanani." Wathola ukuthi kwakukhona *into ethize* yangempela.

34 Futhi lowo kwakungumfundi owayefuna ukubiza uMlilo wehlele emzini futhi ubashise nya, ngoba babengenakunika Yena okwenele ukuba adle. Kodwa ukuthi uKristu wambamba kanjani, futhi wamazisa, "Awazi ukuthi wena uluhlobo luni lomoya," Washo. "Zama ukubhubhisa ukuphila, siza ukusindisa

ukuphila." Yilokho esifanele sibe nakho, uthando lomunye nomunye.

35 Enkonzweni yami selokhu ngikubonile, ngibe semhlabeni jikelele ngokuphathekayo, uhambo oluningana phesheya kwezilwandle, uhambo oluyisikhombisa noma oluyisishiyagalombili phakathi kwabahedeni, nakuyo yonke indawo, futhi ngithola lokhu, ukuthi into enamandla kakhulu engingacabanga ngayo luthando. Uma ngikhulekela umuntu, uma ngingakwazi ukuba nomuzwa walowomuntu phezu kwenhliziyo yami, akusebenzi neze.

36 Lapho ngingacabanga lapho, "Ukuba-ke bengimi endaweni yabo, ukuba-ke bekuyingane yami leyo, ukuba-ke lowo bekungumama wami, umkami, udadewethu, umfowethu na?" ngenkathi ubazwela ngendlela, khona-ke into ethize iqala ukuphuma, isihawu siyaphuma futhi sibambe isiguli, sizibuyise.

37 Manje, bangane, ngiyazi ukuthi uNkulunkulu uyanithanda. Futhi manje, asifuni ukuthatha isikhathi esiningi kakhulu, ngoba nje ngifuna ukufunda umBhalo noma emibili, nokuthi nje ukukhuluma umzuzwana noma kanjalo, uku, imizuzwana embalwa, njalo, ukuthola uhlobo nje lomuzwa kaMoya.

38 Manje, ngamunye wenu ungumoya, niyakwazi lokho, wena uyinyama, unomzimba, kodwa lowo ngowakho, ungubani *wena* ngaphakathi kuwo na? Niyabo? Lowo ngumoya wakho, yilokho esifanele sikubambe, yilokho okungaphakathi. Siyakhuleka, futhi sicele uNkulunkulu ukuba asisize.

39 Manje, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, njengoba sisondela kuYe ngomkhuleko. Wena ongaphandle, iNkosi ikubusise. Ubuka ngamafasitela, ubona abantu bekhothamisa amakhanda abo ngaphandle, amaKristu okuqina angempela.

40 Nkosi enomusa, manje sihlangana ndawonye, futhi sijabule kakhulu ngoba singakwazi, futhi sibe nenhlanganyelo omunye nomunye ngenkathi iGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, lisihlanza kukho konke ukungalungi. Ngicabanga nje ngezingozi eziningi, ukukhandleka, nezingibe esedlule kuzo selokhu sahlangana lapha ngaphambilini, eBeaumont, eTexas. Bangaki, ebesingasukuma kulobubusuku futhi sifakaze, ngamunye wethu, esedlule kukho kusukela ngalesosikhathi, nokucabanga ukuthi umusa kaNkulunkulu usifikise ngokuphepha kwaze kwaba lapha, sikholwa ukuthi Uzo . . . Umusa waKhe wenele ukusidlulisa.

41 NgiyaKubonga ngalelibandla, ngalababantu, ngamabandla abambisanayo, ngabo bonke abantwana baKho kulo lonke lelizwe, lapha. Nkulunkulu, ngikholwa ukuthi iTexas izomelwa kakhulu eNkazimulweni, ngabefundisi abangamaqhawe, izinceku zaKho enqamule lesisifunda, futhi iveze iVangeli nabantu ngoMbuso waKho. NgiyaKubonga ngabo bonke.

42 Nkulunkulu, bopha izinhliziyo zethu zisondele kakhulu ndawonye ngezibopho zothando, ukuthi akukho lutho olukhona, oluzayo, noma olungafika, obekungasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu. Siphe khona, Nkosi.

43 Manje, sisondela kuWe ukuba sicele umusa, kulobubusuku. Ngicabanga ukuthi ingxenye enkulu kakhulu yalona abantu kulelibandla, kulobubusuku, amalunga lapha. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzoza ngamandla amakhulu, futhi uzophulukisa wonke umuntu ogulayo noma ohluphekile oseBukhoneni bobuNkulunkulu. Siyaqonda ukuthi lesisibusiso yisibusiso Osiphe ikholwa, Wakwethembisa, futhi sikholwa lonke iZwi lakho ukuthi liyiqiniso. Ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu, kulobubusuku, uzopha lezizibusiso, futhi sizoKudumisa ngakho, eGameni leNkosi uJesu.

44 Futhi, Baba, sethemba ukuthi kulokhu okuzayo, ukuphela kwaleliviki, futhi inqobo nje uma Ubungathanda ukuba sibe lapha, kwangathi imiphefumulo ingasindiswa, kuqala. Kwangathi labo abangenawo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele bangangena, futhi bathole inhlanganyelo noNkulunkulu, futhi bahambe eNkazimulweni yeShekina yoBukhona baKhe ngombhaphathizo kaMoya.

45 Sikhulekela ukuthi Uzosiza izinceku zaKho, Nkosi, abefundisi, abazalwane bami, abantwana baKho. Kwangathi bangaphefumulelwa kakhulu ukuthi bazobamba okusha, beshiya umhlangano ngokuzimisela, Nkosi Nkulunkulu, ukuthwala iVangeli liqhubekele phambili kunoma bake babanakho namanje. Banike imiphefumulo ngokuqashwa kwabo, izimangaliso ezinkulu nezibonakaliso zingalandela inkonzo yabo ukuphakamisa iNkosi uJesu.

46 Busisa lonke ibandla, gcwalisa lonke ibandla ngesilinganiso, Nkosi, futhi kwangathi singabethela izikhonkwane zethu zethende kude ngale kwemingcele manje. Kwangathi singasibethela ngisho nangale kwemingcele yamahlelo, Nkosi, ukuthi singaphonsa ingalo yethu yothando kuzo zonke izidalwa zikaNkulunkulu ezweni lonke, badonsele enhlanganyelweni yeNkosi uJesu. Siphe khona, Nkosi, futhi sizoKudumisa, ngokuba sicela lezizibusiso, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ekufundweni kweVangeli kulobubusuku, okwesikhashana nje manje ngaphambi kokuba siqale uku, umugqa womkhuleko ukukhulekela abagulayo . . .

47 Manje, indodana yami, noma uMnu. Goad ngapha, noma uMnu. Mercier, abathathu engibambisene nabo enkonzweni, noma mhlampe uMfowethu Moore, abanye babo bazoba sebandleni njalo kusihlwa ukunikezela ngamakhadi omkhuleko, nomaphi lapho bezoba khona nenkonzo yalobo busuku.

48 Abaningi benu bayakhumbula indlela esakwenza ngayo okokugcina, sikhipha amakhadi omkhuleko, bese kuthi-ke

ndawondawo, lapho singena lapho, awu, siqala enombolweni ethize bese sibiza iqembu labantu beye emsamo. Futhi ngezinye izikhathi asiwakhiphi ngisho amakhadi omkhuleko futhi—futhi nje sibakhuphule nomaphi, futhi, noma ngezinye izikhathi nje uMoya oNgcwele uphumela phezu kwezethameli futhi ubathole, noma kanjani.

49 Ngakho akusikho, amakhadi omkhuleko awahlangene ngalutho no—nokuphulukiswa kwakho, ikhadi lomkhuleko alihlanganise lutho nakho, ngukukholwa kwakho kuNkulunkulu. Uma uNkulunkulu eqhubeka njengoba Ubenjalo, nizokuthola lokho ngobusuku obulandelayo noma kanjalo, ukuthi ngezinye izikhathi lapho oyedwa lapha emsamo ethola ukuphulukiswa, kukhona amashumi amahlanu phandle lapho enziwayo.

50 Futhi akusiwo wonke umuntu oza emsamo ophulukukisiwe, uNkulunkulu uphulukisa ngokukholwa kwakho, niyabo, hhayi ngokobulunga bakho, hhayi ngokokulunga kwakho. Ngibone ongcwele edlula futhi ageje ukuphulukiswa kwabo, nesifebe sihambe emva kwakho futhi siphulukiswe. Niyabo? Kungokokukholwa kwakho, kwesekeleke phezu kokukholwa kwakho, "Uma ukholwa, konke kungenzeka."

51 Manje, phenyani kuJohane oNgcwele, isahluko 12, futhi sizofunda elokuqala, e, ngizofunda amavesi amabili esahluko se 12 sikaJohane oNgcwele, ivesi lama 20 nelama 21, hhayi ukushumayela, kodwa nje ukuthola isicaphuno esincane ukwenzela ugcobo lokungena esakhiweni, nangaphandle kwesakhiwo, noma ngabe kukuphi, ukuze uNkulunkulu aphulukise abantu kulobubusuku.

52 Manje, ngifuna nigcine umqondo wenu uqonde entweni eyodwa, eNkosini uJesu. Manje, khumbulani, akukho-muntu ongumphulukisi, lokho kuyiphutha. Konke lokho uNkulunkulu ayengasenzela khona kwenzelwa thina eKalvari. Futhi yilapho lonke icebo, icebo lensindiso, lapho ukubuyisana kokuphulukiswa, nokwensindiso, lapho zonke izingxenye ezingahlukaniseki zokuPhila kwaKhe zingabonakaliswa kithi, kwahlangatshezwana nakho eKalvari futhi kwaqedwa.

Wena uthi, "Insindiso? Mfowethu Branham, angisindiswanga eKalvari."

Awu, uma wawungenjalo, awusoze wasindiswa, kunjalo. Wasindiswa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule.

Wena uthi, "Qhabo, qhabo, Mfowethu, ngisindisiwe ngeviki eledlule."

53 Qhabo, ukwemukele ngeviki eledlule, kodwa inani lakhokhwa, empeleni wasindiswa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, waphulukiswa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule. Manje, ufuna

ukukwemukela nini na? Manje na? Kulungile. Yilesosikhathi sokukwenza, manje. Manje, umsebenzi usuphelile, yonke into isiphelile. Yonke icom-. . . Konke esikudingayo ohambweni olusuka emhlabeni luya eNkazimulweni kuphelelisiwe kuKristu, noKristu ekuwe.

54 Lapho isihlahla. . . Nina bantu lapha eTexas nibakhulu ngesithelo. Lapho isihlahla esincane sibekwe sathi qekelele sa*lowo*sayizi, ake sithi isihlahla esincane samapentshisi. . . Manje, umama wami uvela eParis, eTexas, ngakho-ke ngingowaseTexas kancanyana nje, niyazi, ngakho, ngokwenele ukuyithanda kahle ngempela, nabantu bayo. Manje, ngenkathi isihlahla esincane. . . Ufika, izwe lamapentshisi.

55 Isihlahla esincane esingengaphezu kwengxenye eyodwa yeintshi ukuphakama, benazi yini ukuthi lonke ipentshisi eliyoke libe kulesosihlahla likuso ngaleyonkathi na? Uma kungenjalo, livelaphi na? Sitshalwe emhlabathini, futhi sifanele simile, futhi sifanele siphuze. Futhi siphuza emanzini omhlaba, futhi phakathi lapho singenisa amavithamini, nokunye nokunye, singenisa kuvela emhlabathini njengoba uphuza, futhi siphuza okwesabelo saso, ngakho lapho siphuza kakhulu, kulapho sifuqela ngaphandle. Sifuqela ngaphandle amagatsha, bese-ke sifuqela ngaphandle amaqabunga, bese-ke sifuqela ngaphandle izimbali, bese-ke sifuqela ngaphandle amapentshisi.

56 Awu, yileyondlela umKristu ayiyo. Lapho sitshalwe kuKristu Jesu, uMthombo wokuPhila ongenakuqedwa, yonke into esiyidingayo ikithi-ke, silokhu siphuza nje futhi sifuqela ngaphandle, siphuza futhi sifuqela ngaphandle. Uma sinesidingo sokuningi kukaNkulunkulu, qhubeka nje uphuza futhi ufuqela ngaphandle; uma sidinga ukuphulukiswa, siphuze nje futhi sifuqele ngaphandle. Yilokho kuphela. Nje. . .

57 UNkulunkulu watshela uJoshuwa, "Onke amanyathelo omhlaba, nomaphi lapho okwakho. . . Zonke iziqephu zomhlabathi amanyathelo akho aphezu kwazo, Ngizinika wena zibe yifa." Ngakho amanyathelo ayesho ifa. Futhi uNkulunkulu usinike zonke izibusiso esizidingayo nesizozicela, futhi into kuphela esifanele siyenze ngukusithatha. Manje, uNkulunkulu akazukusiletha futhi akunike sona, uzofanele uhambe usithole, singesakho. Seniyaqonda manje wonke umuntu na? Sifanele sisidle, singesethu.

58 UNkulunkulu watshela uMose ezansi eGibhithe, "Ngininike izwe," kodwa lalihlushwa ama-Amori, amaHeti, nazo zonke izinhlobo ezehlukene zama*ti* nama*zeze*. Kodwa uNkulunkulu wayengakhuphukela lapho futhi wabangela isiphepho ukuba sidlule, futhi sakushanela konke, wathi, "Ngenani, bantwana." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . . akukwenzi ngaleyondlela. Wathi, "Ngikunike lona, manje hamba ulithathe."

59 Manje, kuya ngokuthi ubukani. Kwakukhona eziningi zezinhloli ezahamba ukuyohlola, zabuya, eziyishumi zazo, futhi zabuya nombiko omubi, "Ngeke sakwenza, bekungasimosha, bakhulu kunathi," konke lokho. Kodwa ababili babenobufakazi obubonakalayo, ababili bayabuya, ngoba kuya ngokuthi babebukani. Abanye babebuka ama-Amori, namaHeti, kanjalonjalo, kodwa uJoshuwa noKalebi wayebuka isithembiso sikaNkulunkulu, ngakho-ke bathi, "Sinamandla kakhulu ukukwenza."

60 Manje, ubukani kulobubusuku na? Buka isithembiso sikaNkulunkulu, futhi ulokhu uphuza futhi ufuqa. Futhi uma wenza lokho, kukhona okuzokwenzeka.

61 Ukuba bengingacabangi ukuthi bengiyoba yisibusiso kini, impela bengingeke ngize lapha, bengi—ngingeke ngikwenze. Bengingeke ngize, nginitshele into ethize ezonidukisa, ngoba uma bengingakwazi ukuthi kuyiqiniso, khona-ke bengiyohlala ekhaya. Bengiyokwehla futhi nginixhawule, nginivakashele, ngiye ekhaya, futhi ngibone ukuthi ubani obenompheki obedlula bonke, bese—bese-ke ngiza, ngaqhubeka ngabuyela ekhaya, ngahamba ngayodoba nawe, noma *enye into ethize*, noma—noma into ethize efana naleyo. Kodwa ngiyazi ukuthi into engikhuluma ngayo, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, insindiso, lezozinto zingokoqobo, zingokoqobo kakhulu kunoma sihlezi lapha.

62 Manje, asikukholwe ngayo yonke inhliziyo yethu njengoba sifunda. UJohane oNgcwele, isahluko 12, ivesi lama 20 nelama 21:

> *. . .kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyukele ukukhuleka emkhosini:*
>
> *Lawo-ke aya kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile, acela kuye, athi, Mnumzane, sithanda ukubona uJesu.*

63 Futhi manje, uma bengingakubiza ngendikimba encane, inkulumo encane, ngifuna ukuthatha amaHeberu 13:8, leyo bekuyingqikithi yami yonke leminyaka: *UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade.*

64 Manje, ake sizibuze lombuzo nje. Lababantu bayafika, futhi ngikholwa ukuthi ngamunye wethu kulobubusuku sinjengoba babenjalo nje, babezwile ngoJesu, ngakho babefuna ukuMbona. Futhi a—angikholwa ukuthi ukhona umuntu obengake ezwe ngalowoMuntu othandekayo weNkosi uJesu, kodwa lokho isifiso senhliziyo yakhe yonke singukuMbona. Ngenkathi ngiqala ukuzwa leloGama, kukhona *okuthize* nje, ubumnandi obunjalo kuLo, nga—ngangifuna ukuMbona.

65 Awu khona-ke, uma babefisa. . .Babeyizidalwa ezingabantu, njengoba wena nami sinjalo. Futhi babezwile ngaYe, futhi benyukela ukuMbona, nesifiso sabo kwakungukuMbona, futhi baba nenhlanhla yokuMbona.

66 Manje, uma uJesu Kristu enguye, futhi uNkulunkulu angithethelele ngokuthi *uma*, angiqondile ukuthuka okungcwele, kodwa ukwenza iphuzu, uma uJesu Kristu *enguye* izolo, namuhla, naphakade, futhi sinesifiso esifanayo, pho kungani singenakuMbona, uma Esafana na? Manje, Uzofanele afane uma iBhayibheli lithi Usenguye.

67 UnguMsindisi ofanayo, uMphulukisi ofanayo, futhi uyafana nje njengoba Wayenjalo. Into kuphela ehlukile kuYe, manje Usesemzimbeni ongabonakali, yilapho Ayekhona emzimbeni obonakalayo. Kodwa Wethembisa ukuthi, "Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngi," futhi u *Ngi* yisabizwana somuntu, "Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kokupheleliswa," noma unyaka.

68 Manje, uma Esenguye, futhi wethembisa ukuthi "Nina. . . Manje, kuseyisikhashana nezwe," leyo yi "kosmos," okusho u*hlelo lwezwe*, "angeke lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina," lelo yiBandla, ikholwa, "ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe," khona-ke lokho kuMenza abe nguye izolo, namuhla, naphakade. UJohane oNgcwele 14:12, Wathi, "Okholwa yiMi imisebenzi eNgiyenzayo, naye uyakuyenza." Ngakho sibona imiBhalo, asikwazi ukuyiphika leyomiBhalo, Ilapho.

69 Manje, uma singenakho ukukholwa ukuYenza iphendule, awu, ake sithi nje, "Ngiyakukholwa, kodwa anginakho ukukholwa kokukwenza." Lokho kufana nje, ngifisa sengathi benginokukholwa njengoba u-Enoke ayenakho. Ngolunye usuku wahamba noNkulunkulu emva kweminyaka engamakhulu amahlanu, waba nobufakazi ukuthi wayeMthokozisile, futhi nje wakhathala ukugcina izinyawo zakhe emhlabathini, wathatha uhambo oluncane lwantambama, wenyukela eKhaya naYe. Ngifisa sengathi bengingakwenza lokho, kodwa uma ngingenakho ukukholwa kokukwenza, angiyikuma endleleni yomunye umuntu onokukholwa ukukwenza, ngizobonga uNkulunkulu ngalokho kukholwa okungakwenza.

70 Yileyondlela esifanele sicabange ngayo, sibona abanye bephulukiswa, abanye bayakugeja. Kuyini na? Ngukusilela nje ukukholwa, yilokho kuphela. UNkulunkulu aka—akaphathi abantwana baKhe ngeyodwa, indlela *eyodwa*, nomunye, *enye*, kusekeleke phezu kokukholwa, futhi sifanele sikukholwe.

71 Manje, uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke uma besingabuza lowombuzo ofanayo. . .Manje, nakhu lapha esikhona, abaningi benu bantu ebenikhonza uNkulunkulu, ngenkathi ngiseyingane yomfana, isoni, nanikhonza uNkulunkulu, futhi ngicabanga ukuthi sinelungelo lokuza futhi sibuze uNkulunkulu lowombuzo ofanayo

lamaGreki awubuzayo, "Mnumzane, sithanda ukubona uJesu. Sifuna ukuMbona."

72 Futhi ngiyamangala lokhu kulobubusuku: "Ngabe lokho kungaba yi. . .? Ngabe lokho bekungaba yilokho leliqembu labantwana bakaNkulunkulu lapha eBeaumont, eTexas, ubungathanda uku—ubuyothanda ukuMbona na? Bengiyothanda ngempela ukuMbona. Ngi. . .

73 Kungenzeka yini ukuthi singaMbona na? Ucabanga kanjalo na? Impela. Sinezindlela eziningi ebesingaMbona ngazo uma umuntu engaphuphuthekile ngokomoya. NgiMbonile kulentambama ngenkathi ilanga lishona, ngiyaMbona phandle emagagasini anegwebu otwa, ngiyaMbona enkanyezini yokusa, enkanyezini yakusihlwa, ngiyaMuzwa ememeza okhozini lapho lwehla lunqamula intaba, ngiyaMuzwa ehewula impisi, ngiyaMuzwa—ngiyaMuzwa ekhala enyamazane i-elki, ebhonga enyamazaneni idiye, ngani, impela, ngiyaMuzwa ekhala enganeni.

74 Niyazi, Wake waba yiNgane, qobo lwaKhe. Ukhuluma ngesibonakaliso! U-Isaya 9, ngenkathi becela isibonakaliso uNkulunkulu wabanika isibonakaliso esikhulu, "Intombi iyokhulelwa, futhi izale uMntwana. iGama laKhe liyakuthiwa uMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaphakade."

75 Bekufanele kugadle, uJehova, iNgane, uJehova uNkulunkulu, iNgane ikhala emkhombeni phezu kwenqwaba yomquba e—emkhombeni. Bekufanele kugadle, uJehova, uMfana oyibhungu, edlala; uJehova, ebethela izipikili njengoMbazi. O, he! Futhi ngaphezu kwakho konke, uJehova wabethela esiphambanweni ukusindisa izoni, kwakufanele kushaye.

76 BesingaMbona, Akafile. Esikhathini esingeside esedlule ngangikhuluma no, eMexico, uMfowethu Jack wayelapho ngalobobusuku. Cishe. . . thina. . . Cishe abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu babebuthene ndawonye, futhi sasikhuleka, noNkulunkulu wayenza izibonakaliso nezimangaliso. Futhi kwakukhona owesifazane omncane ezansi lapho, wayenengane, nento encane yafa ngelesishiyagalolunye nqo ngalokho kusa, kwakucishe kube ngelesishiyagalolunye nqo ngalobobusuku, futhi lalina.

77 Futhi—futhi ngakho, uBilly uza kimi, wathi, "Babayi, ayikho indlela yokuvimbela lowo wesifazane ngaphandle komugqa." Wathi, "Awukwazi nje ukumlawula," wathi, "u—usengaphezu kwakhe uqobo."

78 Ngase ngithi, "Awu, ngabe nonke niwakhiphile amakhadi omkhuleko na?" Negama lomfowethu, Mina, sasimbiza nje ngo*Mañana*, ngoba wayenensa kakhulu, ngakho kwaba nguye okhipha amakhadi omkhuleko.

79 Wathi, "Kodwa akanalo ikhadi lomkhuleko, futhi akasenawo." Futhi wathi, "Kade emi lapha, futhi akalitholanga ikhadi lomkhuleko." Wathi, "Sinesigejane sabangenisi, futhi abakwazi ngisho ukumgcina ngaphandle komugqa."

80 Ngathi kuMfowethu Moore, "Yehla, ukhulekele ingane, uyabo," ngathumela uMfowethu Moore ezansi. Futhi ngakho, ngenkathi uMfowethu Moore eqala ukwehla, ngabuka phandle phambi kwami, futhi ngabona ingane encane, ingane encane engumMexico ihlezi phambi kwami, nje ihamba futhi ihleka. Ngathi, "Awume, mhlawumbe kungcono ngehle."

Futhi ngakho, ingubo encane yokulala yayimanzi. Bamletha, futhi wathi nje angafika, uqala ukumemeza, "Padre, padre!"

81 Ngathi, "Umzuzwana nje, nenekazi." Wayengakwazi ukukhuluma isiNgisi. Futhi wayenengane ngaphansi kwengubo yokulala. Ngabeka izandla zami phezu kwengane encane, ngase ngithi, "Nkosi Jesu, emizuzwaneni embalwa nje edlule Ungikhombise umbono. Ngabe lena yileyongane encane Ongikhombise yona na? Kade ifile kusukela kulokho, kulokhu ukusa, futhi nanso yayihlezi, ihleka na?" Futhi ngenkathi ngiqala ukukhuleka, umfo omncane uqala ukukhahlela nokumemeza ngaphansi kwaleyongubo yokulala.

82 Ngase ngithi, "Manje, ungakubhali uze uhambe wenze udokotela asayine isitatimende ukuthi ingane ifile kulokhu ukusa ngelesishiyagalolunye nqo." Futhi wakwenza.

83 Manje, kuyini na? UNkulunkulu ungukuPhila, UngukuPhila, ukuPhila okuPhakade kulabo . . . Wabuyisa umoya waleyongane efile ungene emzimbeni walowomfo omncane.

84 Manje, uNkulunkulu, uma Emkhulu kakhulu . . . Lapha esikhathini esithile esedlule, enhla lapho engihlala khona emfuleni i-Ohio, kwakukhona umfanyana owayevame ukwehlela emfuleni, futhi waye, wazihlanganisa nomdobi omdala. Wayevame ukuza ebandleni lami, wayenentshebe ende, emhlophe. Kwakukhona indawo nje enhla ngaphezu kwethu eyayibizwa ngeSix Mile Island, sasivame ukudoba enhla lapho, nomdobi omdala wayenamanetha akhe, nezinto, phandle phezulu lapho. Ngakho, umfana omncane wayegibela ekhuphuka nomfula naye ukuba agijimise lamanetha.

85 Futhi ngakho, umfana omncane waya kuSonto sikole lapho edolobheni. Futhi wahamba ngokunye ukusa wayesebuza unina, wathi, "Mama," wathi, "ngeSonto eledlule," wathi, "uthisha wami kaSonto sikole ubesho ukuthi uNkulunkulu mkhulu kangakanani. Wathi Usibekela yonke indawo, Akazange aqale, kanjalonjalo." Wathi, "Uma Emkhulu kangaka, uma Emkhulu kangako, khona-ke Mkhulu kunami;" futhi wathi, "uma Emkhulu, emkhulu kangako, Mkhulu kunentaba; uma Emkhulu kangako, Mkhulu kunomfula," wayesethi, "Ngiyazibona zonke

lezozinto, pho kungani ngingenakumbona uNkulunkulu, uma Emkhulu kangako na?" Lowo ngumbuzo omuhle impela.

Ngakho owesifazane wathi, "Manje buka, S'thandwa, angisuye uthisha kaSonto sikole, hamba ubuze uthisha wakho kaSonto sikole."

Awu, waya kuthisha kaSonto sikole, owesifazane wathi, "Ngeke ngakuphendula lokho, hamba uye kumelusi."

Nomelusi wathi, "Ngani, qhabo, ndodana, akekho umuntu ongabona uNkulunkulu."

Wathi, "Awu, kanjani . . .? Yena emkhulu kangako, asikwazi ukuMbona na?"

Wathi, "Qhabo, akekho ongaMbona."

86 Awu, wathi akayithandanga leyompendulo kahle kakhulu, kodwa waqhubeka, ngoba lokho kwakuwuhlelo oluphakeme kunalo lonke ayengaya kulo, acabanga ukuthi wayengaya kulo, kwakungumelusi.

87 Ngakho, ngolunye usuku ehla ngomfula nomdobi omdala, nakho kukhuphuka isiphepho, nomdobi omdala wadonsela ogwini. Futhi ngakho, emva kokuba isiphepho sesiphelile, a— ababili baqala ukwehla nomfula ndawonye. Futhi, o, umoya onjani, ufreshi kakhulu emva kwemvula!

88 Ne—nelanga lase lishona entshonalanga, futhi empumalanga nakho kufika uthingo lwenkosazana. Nomfana omncane ehlezi e—kwingemuva lesikebhe, umdobi omdala edonsa izigwedlo, waqaphela okwehla phezu kwentshebe yakhe empunga kwakungezinkulu kakhulu, ezimhlophe, izinyembezi ezicwebezelayo. Nomfanyana waqalaza ukuba abone ukuthi wayebukani, kwakuluthingo lwenkosazana.

89 Ngakho u . . . babene . . . Inkolo yayikade ingabizwa ngegama phakathi kwabo isikhathi eside, ngakho, wenyukela ngaphambili, enkabeni yesikebhe, futhi wathi kuye, wathi, "Mnumzane, ngizokubuza umbuzo umama wami, uthisha kaSonto sikole, noma umelusi angeke anganelisa." Wathi, "UNkulunkulu wenza lolothingo lwenkosazana, Akalwenzanga na?"

Wathi, "Yebo, mnumzane, walwenza, ndodana. Wanikeza lokho, isithembiso sokuthi Akasophinde abhubhise izwe ngamanzi."

Wathi, "Uma uNkulunkulu emkhulu kangako, mnumzane, uma Emkhulu kangaka, pho kungani ngingaMboni na?"

90 Umdobi omdala, ehlulwa ngumbuzo womfanyana, wadonsela izigwedlo esikebheni, wagaxa umfana omncane ngezingalo zakhe, wayesemgona esifubeni sakhe, wamdonsa wamphakamisa, wabuka ebusweni bakhe, wathi, "UNkulunkulu ayibusise inhliziyo yakho encane, s'thandwa.

Konke engikubonile eminyakeni engamashumi amane edlule bekunguNkulunkulu."

91 WayenoNkulunkulu omningi kakhulu ngaphakathi, wayekwazi ukuMbona ngaphandle. Manje, yileyondlela ofanele ubone ngayo uNkulunkulu, ngukuMthola ngaphakathi, futhi uMvumele abuke ngamehlo akho. Kodwa, niyazi, ibandla selicishe lifane nesimo sokukhubazeka, kuba ngokwejwayelekile kakhulu, lezizinto.

92 Lapha esikhathini esithize esedlule kwakukhona inenekazi e, eLouisville, eKentucky, ngikholwa ukuthi kwakuyikho, futhi lalinomfanyana, lihambahamba lidabula esitolo sezinto sikasheleni lishaya izinto ezikhalayo ezincane, futhi lona, lizama ukumkhombisa, umfana omncane wavele wahlala nje egqolozele.

93 Ngakho u. . . Wonke-. . . Abantu baqala ukuliqaphela, laba nokuhayiza, futhi lalithi, "Buka, S'thandwa, buka!" Nomfanyana wavele wagqolozela. Ngakho laliya kwenye ikhawunta, futhi lithole okuthile obekufanele kuhehe umfana omncane onguntanga yakhe, lase lithi, "Buka, S'thandwa!" Futhi lavele lagqolozela. Futhi ngakho, ekugcineni, linqotshwe kakhulu, futhi likhandlekile, laze nje lawela phezu kwekhawunta futhi laqala ukumemeza, "Qhabo, qhabo, qhabo!"

Nabantu owayesesitolo baya kulo base bethi, "Yin'indaba, nenekazi na?"

94 Lathi, "Umfana wami omncane," lathi, "kukhona okwenzekile kuye." Lathi, "Esikhathi esingeside esedlule ubengoncokolayo, umfo omncane, kodwa kukhona okwenzekile kuye, futhi uvele ahlale nje agqolozele emkhathini." Lathi, "Akukho lutho obekufanele luhehe umfana omncane onguntanga yakhe oluzomheha, uyagqolozela nje." Lathi, "Ngimyise kudokotela, nodokotela wathi ubesekahle, kodwa," lathi, "akanjalo, ngoba angeke abuke lutho abefanele akubheke umntwana onguntanga yakhe." Futhi lathi, "Ugqolozela nje ngokuphelele emkhathini."

95 Awu, lokho nje kuthi akube yisimo amabandla angena kuso. Izinto, uNkulunkulu wazamazamisa lonke uhlobo lwesimangaliso nesibonakaliso phambi kwebandla, futhi basalokhu behlezi, begqolozele emkhathini, sengathi nje bebengazi . . . UNkulunkulu emandleni aKhe amakhulu kuleminyaka embalwa edlule unyakazise lesiSizwe ngendlela engakaze ibonwe ngaphambili.

"Wazamazamisa isizwe na?" Wena uthi, "Isizwe sase-United States na?"

96 ISizwe, iSizwe saKhe, uMbuso waKhe. UNkulunkulu akathembisi ukunyakazisa isizwe kanjalo, Wethembisa ukunyakazisa iBandla laKhe. Akusiwo uMlayezo onyakazisa

isizwe, nguMlayezo onyakazisa iBandla. Uza eBandleni laKhe ukubavusa, isizwe ngeke sikukholwe, empeleni, phandle *lapho*.

97 UJesu akazange aye esizweni, "Waya kwabaKhe uQobo, abaKhe uQobo abaMemukelanga." Akazange afike ezweni. Izinkulungwane nezinkulungwane azizange zazi ukuthi WayesePalastine ngisho ngesikhathi sokuvakasha kwaKhe, kodwa Kuthunyelwe eBandleni.

Manje, ukube bengingasho kinina bazalwane beMethodisti, "Ngabe uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade na?"

98 Ubungathi, "Yebo, sinaYe ebandleni leMethodisti, siyazi ukuthi Ukhona." AmaBaptisti ayosho into efanayo, ibandla ngalinye liyosho into efanayo.

99 Sine cishe, sisondele cishe emahlelweni angamakhulu ayisithupha noma ayisishiyagalombili ehlukene, ngakho-ke umuntu othize uzofanele abe ngoqinisile, nomunye onephutha, ngeke nje kubekhona wonke umuntu oqinisile, noma wonke umuntu onephutha, kuzofanele kubekhona okulungile nokungalungile lapho, ndawondawo.

100 Ngakho manje, uma ngisondele kukho ngokubuka kweBaptisti, noma ngokubuka kweMethodisti, noma ukubuka kwePentecostal, kumbe noma ngabe yini engisondele kukho ngayo, bekuyobe kwehlisa isithunzi kwabanye abazalwane. Kunjalo. Kodwa manje asisondele kukho ngokusuka eqinisweni, asisondele kukho ngokubuka kweBhayibheli: Ake sithole ukuthi Ubeyini izolo, futhi uma singathola ukuthi Ubeyini izolo, khona-ke Uzoba ngofanayo namhlanje. Kungakhathaleki ngesayense yethu yezenkolo, bathi Wayesenguye. Manje, awu, uma singathola ukuthi Ubeyini izolo, khona-ke siyothola ukuthi Uyini namhlanje.

101 Manje, uma bengingaphuma futhi ngithole indoda, bese ngifaka izibazi zezipikili ezandleni zayo, ne—nezibazi zameva ebunzini layo, lokho bekuyoba. . .lokho bekungadukiswa, ngoba lowomuntu ubengaba ngumkhohlisi, ubengafanisa uJesu Kristu. Indlela kuphela esiyoke sazi ngayo ukuthi Wayeyini, kwakungukuthola ukuPhila kwaKhe kuhamba eBandleni laKhe. Makube ukuPhila kwaKhe!

102 Uma u—uma umvini wethanga uthela ithanga, kukhona ukuphila kwethanga emvinini wethanga, awukwazi ukuthola izintangazane kuwo, ngoba yithanga; uma kuyikhabe, yikhabe eliphuma emvinini wekhabe; uma kungumvini womKristu, uyofakaza ngoKristu. Ngakho ake sithole ukuthi Ubeyini izolo, khona-ke sizobona ukuthi Uyini namhlanje, nokuthi Uyoba yini kuze kube phakade, ngicabanga ukuthi lokho kusinika sonke ukubukeka kahle.

103 Asibuyele emuva manje kuJohane oNgcwele isahluko 1, futhi sithole ukuthi Wayeyini. Sifunda kuJohane oNgcwele, futhi besingabuyela lapha e—esahlukweni 1 sikaJohane oNgcwele,

futhi besizofunda lokhu. Manje, asiqale ekuqaleni kokuphila kwaKhe futhi sithathe amavesi ambalwa lapha, bese kuthi-ke into yokuqala niyazi, kusasa ebusuku sizocosha okunye futhi, futhi nje silokhu sithola ukuthi Uyini njengoba siqhubeka.

104 Kodwa njengoba singenakho ngaphandle nje cishe eyishumi nambili, eminye imizuzu eyishumi nane ngaphambi kokuba siqale umugqa womkhuleko, ake sicabange ngalokho Abeyikho izolo. Manje, siMthola lapha kuJohane oNgcwele, njengawo onke amanye amaVangeli eqala, siMthola e—ekuzalweni kwaKhe, futhi siyazi ukuthi lokho kwakuyimfihlakalo kanjani, ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu, yona impela iNzalo yowesifazane eyathenjiswa ensimini yase-Edene. Futhi manje-ke siyathola ukuthi eneminyaka engamashumi amathathu Wabhaphathizwa emfuleni waseJordani nguJohane umBhaphathizi.

105 Futhi ngenkathi Ebhaphathizwa, ephuma masinyane emanzini, sithola ukuthi uMoya oNgcwele, uNkulunkulu, njengesimo sejuba livela eZulwini, nePhimbo, lithi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ukuhlala kuYo." Futhi ukuhunyushwa okuyikho kwalokho, "ENgithokozile ukuhlala kuyo," ngoba uNkulunkulu wayekuKristu.

106 Futhi manje, ngenkathi Ehlela phezu kwaKhe, Uba ngoGcotshiweyo, uMesiya. Siyathola-ke isilingo, phakathi ehlane, futhi masinyane ebuya ekulingweni kwaKhe Wahamba ephulukisa abagulayo, ekhipha amademoni, ebeka abantu enkululekweni. Ake sibone-ke, into yokuqala Ayenzayo kwakungukuqala ukushumayela iVangeli nokuphulukisa abagulayo, bonke labo ababecindezelwe ngudeveli.

107 Manje, ake sithathe ezinye zezibonakaliso zaKhe. Manje, ngabe UnguMesiya na? Manje, siyaqonda ukuthi babenokuphulukisa ngokukaNkulunkulu ngisho nangaphambi kokuba Afike emhlabeni. Bangaki okwaziyo lokho na? Ichibi laseBethesda laliyisibonakaliso sokuphulukisa, futhi kusukela phansi eminyakeni babenazo zonke izinhlobo zokuphulukisa. Niyabo? Kodwa kwakufanele kube nesibonakaliso esilandela loMesiya, Wayenesibonakaliso sobuMesiya. Futhi uma WayenguMesiya, okungukuthi NgoGcotshiweyo, uKristu, khona-ke kwakuzobakhona isibonakaliso sikaMesiya esilandela uMesiya.

108 Kunesibonakaliso esilandela ikholwa. Uyakukholwa lokho na? UNkulunkulu unguNkulunkulu wezibonakaliso, izimanga, nezimangaliso; futhi uma Wayeyilokho okokuqala, Uyilokho okwesibili, Uyilokho okwesithathu, Uyilokho ngaso sonke isikhathi.

109 Khumbulani, lapho nifunda iZwi likaNkulunkulu, njengoba thina maProtestane siLikholwa ukuthi liyiZwi likaNkulunkulu elingenakuphosisa, khona-ke lapho

uNkulunkulu eke wabizelwa enkundleni ukuba asebenze, futhi ufanele enze isinqumo, indlela uNkulunkulu enza ngayo kulolodaba Ufanele asebenze kulolonke udaba emva kwalokho ngokufanayo, ngoba bengingenza isinqumo namhlanje, futhi bekungaba kahle, kusasa ngingahle ngenze isinqumo esifanayo, bekungaba yiphutha, ngoba bekuyiphutha endaweni yokuqala, mhlawumbe, kodwa lapho uNkulunkulu eke enze isinqumo, siphelele, ngoba singabanesiphelo, senza amaphutha, UNkulunkulu akanasiphosiso, futhi akanasiphelo, futhi angeke enze iphutha. Ngakho-ke uNkulunkulu lokho akusho kulungile ngokuphelele.

110 Futhi uma Eke wabizelwa enkundleni ukusindisa isoni, isimo sokuziphatha Asithatha ngakulesosoni, Uyodingeka athathe isimo sokuziphatha esifanayo ngaso sonke isoni esizisolayo kusukela emva kwalokho. Uma Wayebizelwe enkundleni ukuphulukisa umuntu ogulayo, isimo sokuziphatha Asithatha ngakulowomuntu ogulayo, wonke umuntu ogulayo uza kuYe, Ufanele enze ngendlela efanayo, noma Wenza okungalungile ngenkathi Enza okokuqala. Nango uNkulunkulu. Ngabe kunjalo na?

111 Ngakho lokho uJesu ayeyikho izolo, Uzofanele abe nguye namhlanje, kungenjalo Ubenephutha izolo. Isibonakaliso saKhe sobuMesiya Asikhombisa abantu ngaleyonkathi, uma lokho kwakuyiphutha, khona-ke U—Uyodingeka asho into efanayo namhlanje. Futhi uma kungenjalo. . . Kufanele kube ngokulungileyo, ngoba WayenguNkulunkulu. Futhi manje, uma Wayeqinisile ngaleyonkathi, naleso kwakuyisibonakaliso, yisibonakaliso esifanayo namhlanje, futhi siyoba yiso phakade.

112 Manje, sizothatha ezinye zezenzo zaKhe. Masinya emva kokuba Eseqalile ukushumayela kwakukhona u-Andreya, niyazi, nalabo abaqala ukuMlandela, baMbuza ukuthi Wayehlalaphi, emva kokuba eseMbonile eJordani ngalolosuku, wabhaphathizwa nguJohane. Kwase kuthi-ke u-Andreya wahamba wayesefumana umfowabo uSimoni, wayeseletha uSimoni kuYe, "Woza ubone manje, simtholile uMesiya."

113 USimoni wayengumdobi. Futhi ngenkathi enyukela eBukhoneni beNkosi uJesu, emi lapho, kwakuyini into yokuqala uJesu ayenza na? Akungabazeki wambuka ngqo ebusweni, wayesethi, "Igama lakho unguSimoni, uyindodana kaJonase."

114 UPetru wayekade efundisiwe, uSimoni, njalo. . . Wayebizwa ngoKhefase emva kwalokho, okungukuthi, ngokuhunyushwa, "itshe." Wayeyini na? Wakukholwa lokho, ngoba wayenoyise owayemfundise, ukuthi lapho uMesiya efika, owangempela, umJuda weqiniso wayekholwa ukuthi lapho uMesiya efika, Uyoba ngumProfethi.

115 IJuda njalo lalikholelwa kubaprofethi babo. Siyakwazi lokho, ngoba uMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu

iyakuvusa umProfethi onjengami." WayenguNkulunkulu-mProfethi, uMprofethi oMkhulu, uNkulunkulu wabaprofethi. Kodwa isibonakaliso saKhe sasizoba ngumprofethi, futhi babebheke lowomProfethi. Anikhumbuli yini, bathi, "UyilowomProfethi Wena na? UyilowomProfethi Wena na?" Babuza uJohane, "Ingabe uyilowomProfethi obezakuza na?"

Wathi, "Abantu bathi Ngingubani na?"

"Abanye bathi Ungu-Eliyase, noma uMose, futhi abanye, lowomProfethi owayezofika."

116 Babazi ukuthi Wayezoba ngumprofethi. Futhi ngenkathi uSimoni Petru, ngenkathi Emtshela, "Igama lakho unguSimoni, negama likayihlo nguJonase," wayazi ngokukhulu ukushesha ukuthi lowo kwakungumProfethi owayekade eprofethiwe ngokufika, leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya kuye, nakuba wayengenayo imfundo eyenele ukuba asayine igama lakhe uqobo, kodwa wawa ezinyaweni zikaJesu, futhi wanikezwa izihluthulelo zoMbuso kamuva, ngoba wemukela uNkulunkulu. Wazi ukuthi yini eyayizoMlandela. Wazi ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu, isibonakaliso somprofethi.

117 Kwase kuthi-ke kwakukhona oyedwa owayemi eduze, ogama linguFiliphu, eza ehla ngqo esahlukweni 1 sikaJohane oNgcwele, noFiliphu wacabanga ukuthi lokhu kwakumangalisa, futhi ngenkathi ebona lokhu, wayenelisekile ukuthi lowo kwakungumProfethi okwakhulunywa ngaye, uMesiya.

118 Ngakho, uma lowo bekunguMesiya izolo, nesibonakaliso sikaMesiya izolo, kuyoba yisibonakaliso sikaMesiya namhlanje uma EnguMesiya ofanayo. Kunjalo, Ubeyoba yinto efanayo, Wamemezela kanjalo kubo ukuthi WayenguMesiya.

119 Manje, uFiliphu wayenomngane omuhle ogama linguNathanayeli. Wake waba sePalastine ukubona ukuthi izindawo zazikuphi na? Cishe amamayela ayishumi nanhlanu ukuzungeza intaba. Wagijimela laphaya, naleligama lomngane kwakunguNathanayeli. Ngakho, ngenkathi ewela ukuyofuna uNathanayeli ukuba amtshele lezizindaba ezinhle . . .

120 Kukhona okuthize ngakho, uma uke waneliseka ukuthi uJesu unguKristu, ungeke ukugcine kuwe, ufanele nje utshele wonke umuntu ngakho, kunjalo. Angiboni nje ukuthi abantu bangaluthola kanjani loluthando olumangalisayo lukaNkulunkulu, futhi bathule du nalo. O, he!

121 Ngabuza omunye esikhathini esingeside esedlule owathi babekade bengumKristu iminyaka e*miningi kangako*, ngathi, "Ngabe omakhelwane bakho bayakwazi na?"

Wathi, "Qhabo, sithi ukukugcina kithina."

O, he! Ungeke wakwenza lokho. O! Udade ebandleni lethu wayevame ukuma futhi acule iculo, "Ngiyagijima, ngigijima, ngigijima, futhi ngifuna ukukuxoxa!"

122 Awu, lokho kuthi akube njalo, ufanele nje utshele omunye umuntu, awukwazi ukuma uthule, kukhona *okuthize* okwenzekile, futhi uyazi ukuthi kwenzekile.

123 Ngakho wayenelisekile ukuthi lowo kwakunguMesiya. Ake sithathe umdlalo wasesiteji omncane umzuzwana. Sengiyambona uNathanayeli ephuma ezungeza, cishe uhambo losuku, ezungeza izintaba, phezu kwamatshe agandayiwe, futhi ekugcineni ufika endlini lapho uNathanayeli ayehlala khona. Wangqongqotha emnyango. Futhi ngakho, uNkk. Nathanayeli uza emnyango. Wathi, "Ngani, Filiphu! Ngani, ngiyajabula ukukubona!"

Wathi, "Uphi uNathanayeli na?"

124 "Awu, Filiphu, usanda kuthatha uhambo oluphumela engadini yakhe—yakhe laphaya, u—usemuva lapho ndawondawo. Uzomthola, ubuka phezu kwengadi yakhe—yakhe yeminqumo emuva lapho, noma, imikhiwane, kanjalonjalo. Usemuva lapho engadini, ndawo ndawo, uzomthola."

125 Futhi sengiyambona uNathanayeli ehla edabula lapho, uFiliphu, njalo, ezama ukumthola. Futhi emva kwesikhashana, wayeguqe ngamadolo ekhuleka, leyo yindawo enhle ukuba kuyo. Ngakho, futhi ngokwejwayelekile lokho kungenkathi uthola uKristu, lapho uguqa ngamadolo akho, leyo yindlela enhle, niyabo. Hlala uguqe ngamadolo kaninginingi, kuhle. Futhi ngenkathi ephansi kwalesisihlahla ekhuleka, sengiyabona, kusobala, uFiliphu, umnumzane ohloniphekile ongumKristu, ngani, wama nje futhi walinda waze waqeda ukukhuleka.

126 Sengiyambona uNathanayeli esukuma, futhi ethuntutha uthuli emadolweni akhe *kanjalo*, ethi, "O, ayibusiswe iNkosi, ukuthi . . . Ngiyakubonga, Nkosi." Waphenduka, wayesethi, "Filiphu!"

127 Manje, akashongo ukuthi, "Ihamba kanjani yonke ingadi yezithelo na?" Niyabo? Noma, "Banjani bonke abafo na? Futhi unjani uJohn, uJoe, nabo bonke na?" uyazi. Akakushongo lokho. Wathi, "Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene!" O, wayephuphuma nje, wayefanele asho okuthize ngakho. Ngiyakuthanda lokho.

128 O, ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele ugcwalisa ngempela uze Uphuphume. UDavide wathi indebe yakhe iyachichima. Abanye, lapho uMoya oNgcwele ekubamba, uvele nje uphuphume.

129 Wayengenaso isikhathi sokukhuluma ngepulazi, wathi, "Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, uMesiya! Simfumene uMesiya, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa. Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, lona ngumProfethi okwakhulunywa ngaye."

130 Sengathi ngiyabona leli elinesithunzi, ikholwa loMthetho lathi, "Manje, awume kancane nje, Filiphu, ngi—ngikwazi ukuthi uyindoda elungileyo, indoda elungileyo. Hlobo luni lokutetema osusuke kuyo na? Yisiphi isiphetho esijulile owele kuso na? Manje, kukhona okungalungile ngawe, ndawondawo. Bengilokhu ngikwazi ukuthi ungolungile, umuntu osile, pho kungani wenyukela lapha nento ethize enjengaleyo, ukuthi uthole umuntu othize, uJesu waseNazaretha, wena uthe, umuzi waseNazaretha na?

131 "Awu, manje, siyazi ukuthi uMesiya uyeza. Futhi-ke, uma uMesiya ubezofika, uyazi ukuthi bekuyokwenzekani na? Imihubhe yaseZulwini ivuleka, futhi Ubeyokwehla ngqo enhlokweni yehlelo lethu. Yebo, mnumzane. Wayeyoshayela phezulu ngqo e—emiphemweni yethempeli. Futhi uma Engafikanga ehlelweni lethu, lowo akusuYe. Manje, lowo akusuYe, Uzofanele eze kokwethu."

132 Niyazi, bonke laboNathanayeli akakahambi okwamanje. Ngakho, "Ufanele nje eze eqenjini lethu, kungenjalo Akezi nhlobo." Kodwa niyazi, uNkulunkulu wenza izinto ngendlela Afuna ukwenza ngayo, futhi . . . ? . . . kuyindlela yaKhe.

Ngakho, simthola ethi, "Manje, kukhona okuhle okuvela eNazaretha na?"

133 Futhi ngicabanga ukuthi uFiliphu umnika impendulo ezedlula zonke noma yimuphi umuntu abengayinikeza, wathi, "Woza, ubone. Woza ubone. Ungahlali ekhaya futhi ugxeke, woza, uzibonele." Lokho kungokwedlula konke.

"O, okwethu . . . Akazange . . . Akusikho . . . Ihlelo lethu alikuxhasi, asikho e . . . ekubambisaneni nakho, ngakho ngizovele ngihlale ekhaya, futhi . . . "

Awu awusoze wazi-ke. Yilokho kuphela. Niyabo? "Woza, ubone."

"Hlolani imiBhalo," uJesu wathi, "YiYo efakaza ngaMi." Niyabo? Thola ukuthi ngabe kuqinisile noma qha.

Ngakho, wathi, "Woza, ubone."

134 Manje, sengathi ngiyabona, ake sibhobokele engxoxweni yabo lapho behamba eceleni komgwaqo, sengiyamuzwa uFiliphu ethi kuNathanayeli, "Nathanayeli, futhi awukwazi ukukukholwa lokho na?"

"Qhabo."

"Awu, ayisho yini imiBhalo ukuthi iNkosi uNkulunkulu wethu iyakuvusa umProfethi onjengo—ngoMose na?"

"Lokho . . . Yebo."

"Awu, ngabe uMesiya uzoba ngumprofethi na?"

"Yebo, Uyoba ngumprofethi."

"Ngabe Uzokhombisa isibonakaliso somprofethi na?"

"Yebo, Uyokhombisa isibonakaliso somprofethi."

"Futhi lokho kuyoba yisibonakaliso sikaMesiya na?"

"Yebo, kuzoba njalo."

135 "Kulungile. Manje, uyamazi lowomdobi omdala ongazi lutho ezansi lapho esathenga leyonhlanzi ngalolosuku, wayengenayo imfundo eyenele ukukusayinela irisidi na?"

"Ya, ya, ngiyakukhumbula lokho. O, yebo, umfowabo ka-Andreya, uSimoni."

"Yebo, kwakunguye, omkhulu, umfo omdala obukeka eyisidlakela, onempandla, efake iphinifa elinamafutha."

"Yebo, kwakunguye lowo."

"Akakwazanga ukusayina irisidi?"

"Ya, kunjalo."

"Awu, uyazi, wenyukela phambi kwaLona esimaziyo ukuthi unguMesiya. Uyakhumbula ukuthi igama likayise lalingubani na?"

"O, impela, ngaba nenhlanganyelo naye, uJonase. Yebo, ngiyamazi, uJonase."

"Awu, wathi nje angakhuphuka phambi kwalendoda, Wayibuka, wayesethi, "Igama lakho unguSimoni, indodana kaJonase. Manje, kuthiwani ngalokho na?"

UFiliphu wathi, "Awu!" Ngiqonde ukuthi, uNathanayeli, "Awu!"

UFiliphu wathi, "Bekungeke kungimangaze uma Engekutshele ukuthi *u*ngubani, ngenkathi ukhuphukela lapho."

"Awu, manje awulinde, a—angazi ngalokho. Hhe-e, qhabo."

136 Emva kwesikhashana bafika. Futhi mhlawumbe uJesu wayemi emgqeni womkhuleko, noma—noma mhlawumbe bangena emgqeni womkhuleko, angazi, kodwa mhlawumbe bona, wayesemuva phandle ezethamelini, noma ngabe kwakukuphi, ngenkathi ehamba phambi kweNkosi uJesu, uJesu waphenduka futhi wambuka, wayesethi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Lokho kwakhipha umoya koseyili bakhe.

137 Manje, wena uthi, "O, impela, indlela abegqoke ngayo."

Qhabo, qhabo, bonke abasempumalanga bagqoka ngokufanayo. Babegqoka lezozingubo ezinde, nemishuqulo, nokunye nokunye, isizwe esinsundu sabantu.

138 Wathi, "Awu," wathi, "bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Uma bengingakusho, enhle, indoda eqotho, elungileyo, ekholwayo, indoda eqotho, umIsrayeli.

139 Futhi kwamangaza, kwamtinyela kancane, wathi, "Rabi," kusho ukuthi *mfundisi*, "ngani, Uke wangazi nini na? Ngani,

Awazi lutho ngami, angikaze ngiKubone empilweni yami, futhi Awukaze ungibone empilweni yaKho. Wazi kanjani ukuthi ngingumIsrayeli, nendoda eqotho na?"

140 Lalelani, Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona." Amehlo anje pho, amehlo anje pho! Ukufa kungeke kwawafiphalisa, ayaphila kuze kube phakade. "Ngakubona," amamayela ayishumi nanhlanu ukuzungeza intaba, kuthangi, "Ngakubona."

141 Yaba yini impendulo yakhe na? "Rabi, Wena uyiNkosi ka-Israyeli; Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, iNkosi ka-Israyeli." Akazange abe nambuzo. Igama lakhe alifi kulobubusuku phakathi kwabantu. Wawa phansi ezinyaweni zaKhe, "Rabi, Mfundisi, Awusuye nje umuntu, UyiNkosi ka-Israyeli. UyiNdodana kaNkulunkulu. Siyazi ukuthi uMesiya wayezokwenza lokho."

142 Nakho kumi abanye eduze nakuba babengakukholwanga lokho, niyazi. Babebeke izandla zabo emva kwabo, babefanele baphendule enhlanganweni yabo yebandla, ngoba inhlangano yebandla yayizobalethela umbuzo ngakho. Bathi, "E, *ahem*! A, kusobala lendoda yenza lokhu kuphela ngoBelzabule, ingumbhuli." Niyabo? "Ikwenza lokhu ngoBelzabule."

143 UJesu wathi, "Ngiyanithethelela ngalokho, kodwa ihora liyeza lapho uMoya oNgcwele uzofika khona, futhi Uyokwenza into efanayo, nezwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa, nakulelizwe, noma ezweni elizayo." Ngakho niyabona lapho esimi khona.

144 Wathi, "Ngizokuthethelela, khuluma lokho ngokumelene naMi, Ngizokuthethelela," ngoba babiza, bathi, uMoya kaNkulunkulu umoya ongcolile, uhlukanisa uMoya kaNkulunkulu, omoya abahlukanisayo, nomProfethi, uNkulunkulu wePhakade, emi lapho, eZazisa ngesibonakaliso esathenjiswa ukuthi Uyokwenza, imiBhalo igcwaliseka emehlweni abo impela, futhi beboshwe kakhulu ngamahlelo baze: "Awu, Akafikanga endaweni yethu, ngakho-ke ngudeveli." Niyabo? Niyabo? Besingaya ngempela edolobheni ngalokho kancanyana, leyo yindawo ya*la*madoda.

145 Kodwa qaphelani, kwakuyilokho-ke. Bathi uMoya oNgcwele uyofika ngolunye usuku, futhi wenze into efanayo. Manje, yileyondlela . . .

146 Khumbulani, zintathu kuphela izizwana zabantu emhlabeni, uma sikholwa iBhayibheli, Abantu bakaHamu, uShemi, noJafete, lowo yiJuda, abeZizwe, nomSamariya. Niyamkhumbula uPetru enezihluthulelo ngoSuku lwePhentekoste na? Futhi khona-ke phansi ngqo kumaSamariya, futhi kwenyukele kwabeZizwe, nalokho kwakuqeda, amaJuda, abeZizwe, amaSamariya.

147 Manje, thina beZizwe, ama-Anglo-Saxons, wayengabheke-Mesiya. Uza kuphela kulabo abaMbhekile. O, ngingathanda ukuba lokho kuye ekhaya! Ngethemba ukuthi lokho kume kuphakeme njengezihlahla ezansi lapha phambi kwenu. Ukuthi, ungeke wabuka ngaphandle kokuba ungakuboni. Yena uza kuphela kulabo abaMbhekile. Thina beZizwe sasingabheke namunye, sasingambhekile uMesiya, kodwa amaJuda namaSamariya ayembhekile. Awu, siyabona ukuthi Wazazisa kanjani Yena uqobo.

148 O, eziningi ezinye izindawo ebesinganehlisela kuzo, kodwa ake siphenye ngale kwelinye ikhasi. Siyathola-ke lapho Edlula khona e—echibini laseBethesda.

149 Futhi ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kwalokho owesifazane omncane, wazama ukungena emgqeni womkhuleko, wayengenakhadi lomkhuleko, ngiyacabanga, futhi ngakho, wayekholwa ukuthi uma wayengaMthinta, ukuthi wayezophulukiswa. Futhi ngakho, akakwazanga ukukhuphukela kuYe, futhi bonke abantu babeMzungezile, futhi into yokuqala niyazi, ngani, wathi nyelele wedlula futhi wathinta umphetho wengubo yaKhe. Futhi Wama, wayesethi, "Ubani oNgithintile na? Ukhona oNgithintile."

150 UPetru waMkhuza. Futhi Wathi, "Kodwa Ngi—Ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka, kuphumile amandla kiMi." Waqalaza phezu kwezethameli Waze wamthola, futhi wamtshela ngomopho wakhe wase unqamukile, ngoba *ukukholwa* kwakhe kwakumsindisile. Manje, Akazange akwenze, *ukukholwa* kwakhe kuYe kukwenzile. O, niyakubona na? Ukukholwa kwakhe! "Ukukholwa kwakho kukusindisile."

151 Manje, ngifuna amadoda lapha anekhono lokukhuluma kakhulu ngalokhu, uMfowethu Moore, nabaningi balaba abanye abefundisi. . .Lelogama elifanayo lapho ngu*Sozo*, okusho ukuthi "sindisiwe," umzimba noma umphefumulo, ngokufanayo nje, usindiswe ngokomzimba noma usindisiwe ngokomoya, indlela efanayo owenza ngayo. Owesifazane waMthinta.

152 Manje, wena uthi, "Kodwa Mfowethu Branham, ngiyazi ukuthi U. . .Owesifazane uMthintile, angazi noma bengingakwazi yini."

153 IBhayibheli lithi Yena, khona manje, ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na? Awu, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, uma uMthintile, Ubeyokwenza ngendlela efanayo. Ngakho finyelela phezulu futhi uMthinte kulobubusuku ngokukholwa kwakho.

154 Kwakungesikho. . .yena owesifazane. . .Awu, wena uthi, "Angisondele ngokwanele ukuba ngibeke izandla zami engutsheni yaKhe." Ku. . .Lokho akuzange, lokho akusikho okukwenzile, Wayengeke akuzwe lokho, ingubo yasePalestine inengubo yangaphansi, nengubo ende enkulu eshwibekayo.

Uthuli lushaya lukhuphuke ngaphansi kwaleyongubo ende, yingalesosizathu babenokugezana izinyawo, nokunye nokunye, ukususa uthuli ezinyaweni zabo. Ngakho, bona, i—ingubo yasePalastine iphume kanjalo, akazange athinte i. . .ethinta lowomphetho.

155 AKazizwanga ngani zonke lezi ezaziMgaxile na? "Sawubona, Rabi. Ngiyajabula ukuhlangana nawe, Mfundisi ohloniphekile," kanjalonjalo. Akazizwanga ngani na? ZaMthinta kakhulu kunoma owesifazane enza, kodwa Wathinta i. . .owesifazane wathinta ingaphakathi.

Wathi, "Ngizwe kuphuma amandla kiMi."

156 Ezinsukwini ezimbalwa emva kwalokho Wadabula echibini laseBethesda, futhi kwakukhona indoda eyayilele lapho eyayinobuthakathaka. Kwakukhona zonke izinhlobo zabantu lapho, izinyonga, izimpumputhe, izishosha, abashwabeneyo, lonke uhlobo lo—lokuhlupheka, uJesu wahamba ngakubo bonke, eqalaza, waze Wabona indoda ilele ohlakeni; ngiqagele beniyokubiza kanjalo. Sonke thina bantu baseningizimu siyazi ukuthi yini uhlaka, asazi na? Ngakhuliswa kolulodwa. Ngakho, ilele ohlakeni, ilele lapho, futhi yayingakhubazekile, iyimpumputhe, yayine, ake sithi yayinenkathazo yendlala yesinye, noma ingahle ukuba yayineTB, yayilibele, yayingeke imbulale, wayekade enayo iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili.

UJesu waqalaza waze Wayithola, Wayesethi, "Uyathanda ukusinda na?"

157 Yathi, "Mnumzane, anginamuntu ongangifaka emanzini. Lapho ngiza, omunye ugijima angidlule," ngamany'amazwi, "ungena emanzini kuqala," niyabo, "ngaphambi kwami, uyehla ngaphambi kwami."

Wathi, "Thatha uhlaka lwakho, uye endlini yakho." Niyabo? Ini? IBhayibheli lathi, "Ngokuba uJesu wayazi." Niyabo?

158 Manje, Wabuzwa ngalokho, uJohane 5, futhi, uJohane 5:19, ngenkathi Ebuzwa, Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana," umzimba, "iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho *Ebona* uYise ekwenza. Ngokuba uBaba uyasebenza, naMi Ngiyasebenza kuze kube manje. Angenzi lutho ngize ngibone." Manje-ke uma Akubona, Wabona uBaba, ngombono, enza umsebenzi. UNkulunkulu waMkhombisa ngombono ukuthi akenzeni, futhi Wahamba futhi wakwenza.

159 Bukani ukuvuka kukaLazaru, ngenkathi Efika ethuneni. Niyaqaphela ethuneni, Wathi, "Ngi—NgiyaKubonga, Baba, usevele uNgizwile," Wayazi ukuthi kwakuzokwenzekani, "kodwa Ngikusho ngalaba omi eduze: Lazaru, phuma."

160 ULazaru wavuka. O, he! Impela, ngoba Wayekubonile kwenziwa. Wathi Akenzanga lutho uBaba aze aMkhombise. Akazange asho lutho mayelana namandla esuka kuYe ngaleyonkathi. Kwakuyisimangaliso esikhulu kangakanani kunowesifazane na? Kodwa niyabona ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe, lowo kwakungowesifazane esebenzisa uNkulu-. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

161 . . . kodwa wayefanele afike lapho esekwazi. Ngakho uyenyuka nembiza yakhe yamanzi, futhi uyabibitheka, mhlampe ecabanga lokho ayenakho . . . cishe ngobusuku bakuthangi, futhi wehlisa imbiza ukuba akhe amanzi. Ngenkathi eyigwedla eyikhuphula ka*nje* ngesigwedlo, futhi wayibeka phansi, wabheka, wayibeka, wezwa omunye ethi, "Sifazane, Ngiphuzise." Futhi wabuka ngale, futhi nakho kuhlezi iJuda lihlezi laphaya.

Manje, wayengumSamariya, wathi, "Akusilo isiko kini maJuda, Wena ungumJuda lapha, ucele mina, owesifazane ongumSamariya."

162 WayenguMfo osemncane. Awu, ngempela Wayeneminyaka engamashumi amathathu kuphela ubudala, kodwa iBhayibheli lisho ukuthi Wayebukeka enamashumi amahlanu. Niyakwazi lokho na? Ngiqagele umsebenzi waKhe—waKhe waMenza wampunga kancane. Wathi, "U," ngale kuJohane oNgcwele 6, wathi, "ungumuntu ongakevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi uthi umbonile u-Abrahama na?"

Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." Kunjalo. Kunjalo. Niyabo?

Manje, kodwa Wayebukeka enamashumi amahlanu, ngiyacabanga, wathi, "Ungumuntu ongakevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala."

163 Manje, kodwa ngenkathi ebone lomJuda ehlezi lapho, wathi, "Akusilo isiko kuWe, umJuda, ucele mina, owesifazane waseSamariya, into enjengaleyo, asidlelani omunye nomunye."

Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi."

Wathi, "Umthombo ujulile."

164 Manje, Wayenzani na? Uzofanele uthathe izwi lami ngalokhu, Wayexhumana nomoya wakhe, niyabo, ezama ukuthola umoya wakhe. Niyabo, uBaba wayeMthumele phezulu lapho, "Wayeswelekile ukuba adlule ngaseSamariya." Kodwa ngenkathi Esenyukele lapho, Akabange esakwazi okunye angakwenza kunokulinda. Bese kuthi-ke nangu . . .

165 Awusho, into efanayo lapha kulobubusuku, uBaba ungithumele eBeaumont, ngifanele ngilinde ukubona ukuthi

Uzothini, a—a—angazi. Niyabo? Lindani nje. Manje, siyathola emva kwesikhashana ukuthi Wakwenza noma qha. Niyabo?

166 Kwase kuthi-ke, Wahlala phansi lapho, futhi wakhuluma naye. Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe, futhi Wathola lapho inkathazo yakhe yayikhona. Ukhona owaziyo ukuthi yayiyini na? Impela. Wayenamadoda amahlanu, ayisithupha, ngempela, wayenamadoda amahlanu, "Le ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho." Kulungile.

Futhi Wathi, "Sifazane, hamba, ulande indoda yakho, uze lapha," emva kokuba Esethole inkathazo yakhe.

Wathi, "Anginandoda."

167 "O," wathi, "usho iqiniso." Wathi, "Usho iqiniso, ngoba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho. Ngakho, ngakho-ke usho iqiniso."

168 Wenzani na? Wayengafani nabanye balabo bapristi abazaziyo nokhololo obhekiswe emuva, nayo yonke isayense yezenkolo ezweni. Wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunoma uhhafu wabashumayeli e-United States wazi, naye eku*leso*simo. Waphenduka, wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi Wena." Amen. Wathi, "Siyazi, thina maSamariya, siyazi ukuthi lokho kuyoba yisibonakaliso sikaMesiya." Kunjalo na? "Siyamazi uMesiya, othiwa uKristu, nxa Efika, Uyositshela lezizinto, kodwa Wena unguBani na?" O, he!

Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe."

169 Mfowethu, waphuza eMthonjeni omusha ngaleyonkathi. Washiya leyombiza yamanzi lapho, wayesegijimela emzini ngamandla akhe onke. Lalelani ukuthi wathini, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Kungebe nguye impela uMesiya lona na?"

170 NeBhayibheli lathi amadoda akulowomuzi amkholwa uKristu ngenxa yokusho kowesifazane. Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, bekuyisibonakaliso sikaMesiya namhlanje. Ngabe kunjalo na?

171 Manje, esinye futhi isicaphuno, manje, sithe ukuba side kancane, kodwa ngithetheleleni ngesikhathi eside ngomzuzu nje. Leli yibandla, ngicabanga ukuthi abadingi ukuvala nganoma yisiphi isikhathi esithize. Ngifuna nithole lesi esinye futhi isicaphuno, khona-ke sizovala.

172 Manje, niqaphelile, lesosibonakaliso asizange senziwe phambi koweZizwe na? BabengaMbhekile. Kwakungasekho... Kwakuyisibonakaliso kumJuda nakumSamariya, kodwa iVangeli alifiki ngisho nakwabeZizwe uPetru waze wenyuka futhi washumayela kubo, iZenzo 10:49. Niyabo? Babengabahedeni. Ngakho, Akezanga kwabangakholwayo,

Wafika futhi wakhombisa isibonakaliso saKhe sikaMesiya kumakholwa.

173 Manje lalelisisani, nani zethameli ezingaphandle, gqokani ukucabanga kokomoya manje, ngoba nizofanele niyifunde ivaliwe lapha, khona-ke ngizovala.

174 Manje, ngenkathi Esemhlabeni lapha, baMbuza ukuthi siyoba yini isibonakaliso sokufika kokuphela kwezwe. Futhi Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma," kuqala Wathi, "kaNowa," imvula. Futhi ngenkathi Esho ngoNowa, Waqhubeka futhi unikeza okwenzeka ezinsukwini zikaNowa, mayelana nokuziphatha kwabantu, ukuthi bayoziphatha kabi kanjani, ngokuthi babedla, bephuza, beganwa, bendiswa. Khona-ke Ufika eSodoma, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

175 Manje lalelisisani, manje qaphelani, u-Abrahama wayemele abantu abakhethiweyo nababizelwe ngaphandle. Kuhlala njalo kunezigaba ezintathu zabantu, zigcine engqondweni. ULoti wayemele ibandla elisivivi, eligcina umthetho ngegama; abaseSodoma kwakuyizwe; futhi u-Abrahama wayezehlukanisile nakho konke lokho kungakholwa, futhi wayephumile. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]. . .iBandla elikhethiwe. Manje khumbulani, eziNgelosini ezintathu ezafika ukuhlangabeza u-Abrahama, zazingamadoda amathathu, futhi zaziyiziNgelosi ezintathu zikaNkulunkulu, Enye yazo kwakunguNkulunkulu, qobo lwaKhe.

176 Omunye umfundisi wathi kimi esikhathini esingeside esedlule, "Awuqondile ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu na?"

177 Ngathi, "IBhayibheli lathi kwakunguNkulunkulu. U-Abrahama waMbiza ngeNkosi, igama elikhulu N-k-o-s-i, Elohim. Ubefanele azi, nguye owayekhuluma naYe."

Wathi, "Awu, lowo kwakungumzimba-moya nje."

Ngathi, "Umzimba-moya awulidli inkonyane futhi uphuze umbhobe." Kunjalo. YayinguNkulunkulu! IBhayibheli lathi Yayinguye. YayinguNkulunkulu, bazalwane.

LeziziNgelosi ezintathu, wathi, "Ngani, uqonde ukuthi zaziyiziNgelosi na?"

Ngathi, "Impela."

"Zigqoke izingubo ezinothuli, futhi zidla na?"

Ngathi, "Impela. Awazi nje ukuthi uNkulunkulu wethu mkhulu kangakanani."

178 Wayefuna ukwehla ukuba ahlole isimo ezansi eSodoma. Ngakho, sengathi ngiyabona: Yini umzimba wethu owenziwe ngayo na? Izakhi eziyishumi nesithupha, ipotashi, nekhalsiyamu, ipetroliyamu, ukukhanya komhlaba nezulu.

Wavele nje wafinyelela ngale futhi wathola izakhi eziyishumi nesithupha, futhi wahamba, "*Whewu*!" wasiphephetha ndawonye, wayesethi, "Woza lapha, Gabriyeli. Ngena *lapha*." Impela. Waphephetha esisodwa laphaya ukwenzela uMikayeli, waphephetha esinye saKhe uqobo, wavele wangena, futhi wehla.

179 O, ngijabula kakhulu ukuthi ngiyaMazi! Ngolunye lwalezizinsuku lapho umzimba wami nje uphephetha uthuli emhlabeni, Uyothi, "*Whewu*! Buyani."

180 Ngijabula kakhulu ukwazi uNkulunkulu walolohlobo, nje kuphephethwe ndawonye, yilokho kuphela, "Woza, manje, Ngakwethembisa. Wawuthembekile ezintweni eziyingcosana, ngiyokwenza umbusi phezu kweziningi." Niyabo? Indlalifa yakho konke ngoKristu. Akaqondi nje ukuthi UnguBani, ukuthi Mkhulu kangakanani.

181 Futhi Uyehla. Futhi ngifuna niqaphele, ezimbili zalezoziNgelosi, uBilly Graham wesimodeni, kanjalonjalo, waphuma futhi washumayela kwabaseSodoma. Ngabe kunjalo na? Futhi kwakukhona isimangaliso esisodwa kuphela abasenza, bebashaya ngobumpumputhe, nokushunyayelwa kweVangeli kuyabaphuphuthekisa ongakholwa. Kodwa Wakhombisa lesosibonakaliso kubo ezansi lapho, iVangeli lishunyayelwa, uku "phuma."

182 Akazange abize u-Abrahama aphume, wayesevele ephumile. O, ngijabula kakhulu! U-Abrahama wayemele iBandla elikhethiwe, iBandla elibizelwe ngaphandle. Kodwa Eyodwa yasala no-Abrahama, futhi Yenze isibonakaliso. Ngifuna nibone ukuthi hlobo luni lwesibonakaliso Esenzile eBandleni elikhethiwe.

183 Manje, niyabo, babeneVangeli lishunyayelwa ukuba liphume kuleyondawo, ezansi lapho, kodwa Lena yasala no-Abrahama. Yathi, manje khumbulani, YayiyisiHambi, yayinothuli ezingutsheni zaYo, Ivela eZweni langaphandle, ya, kude *le*, futhi Yathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" Yazi kanjani ukuthi wayeshadelwe na? Futhi Yayazi kanjani ukuthi wayenenkosikazi egama linguSara na? "Abrahama, uphi umkakho uSara na?"

184 Manje, iBhayibheli lisho ngokuqinile ukuthi wathi, "Usethendeni emva kwaKho," emva kweNgelosi. INgelosi yayinguNkulunkulu enyameni yomuntu. Bhekisisani, wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

Bhekisisani lokhu: "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila."

185 NoSara wahlekela ngaphakathi kwakhe, hhayi kakhulu, wathi, "*Mmf*!" ngaphakathi kwethende. Futhi Ifulathele ithende, Yathi, "Uhlekeleni uSara na?"

186 Hlobo luni lokufunda ingqondo lolo na? Kwakuyini na? Kwakuyisibonakaliso sokuthi wayeselungele ukusha nje. Manje, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma," nezwe lisesimweni saseSodoma manje. Ngaphambi nje kokuba uMlilo wehle, iNgelosi yeNkosi iyabuya futhi ihlala enyameni yomuntu, futhi yenza isibonakaliso esifanayo ukunikeza abeZizwe, isibonakaliso esifanayo sobuMesiya Eyasenza kumaJuda namaSamariya. Niyakubona na? Izofanele.

187 Uma Idedela leliBandla ligudluke ledlule kwisayense yezenkolo nje, Ibiyobanika umusa nesibonakaliso Engasivumelanga kithi. Futhi uma uNkulunkulu efana, futhi Usenguye, Uyokwenza okufanayo futhi enze okufanayo kulowo nalowo wabantwana baKhe; nakuzo zonke izizukulwane Uzofanele afane. Uma leso kwakuyisibonakaliso saKhe ngalolosuku kumaJuda, amaSamariya ekuvaleni kosuku lwawo, lokhu ngukuvalwa kosuku lwethu . . .

188 IVangeli libuyela futhi eJudeni masinya nje, ukulindile khona manje, nje ulindele isibonakaliso ukuba sibonakale kuye, futhi khona-ke Uyobuya, okungukuthi u-Eliya noMose bayokwenza lokho eSambulweni 11, njengoba nazi.

189 Manje, kodwa-ke iBandla labeZizwe lisesikhathini sokuphela. Ngabe kunjalo na? Siyakukholwa lokho, ukuthi lesi yisikhathi sokuphela, nokusha kweSodoma sekuseduze. Awu, ibhomu le-athomu selivele lisesikhumulweni samabhanoyi ngaleya negama lezwe lilotshwe kulo. Kunjalo. Lizosha, ningakhathazeki ngalokho. Lizosha, selilungele khona manje ukuba liqhunyiswe noma ngasiphi isikhathi. Ake nje uhlanya oluthize ludonse i . . . Omunye walemicibisholo ejikijelwayo, ngolunye lwalezizinsuku, uzongena esikrinini somunye umuntu, bese kuthi-ke wonke umuntu uzoqala ukudedeleka kuzo zonke izizwe, khona-ke kulapha. Kodwa ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, iBandla liya eKhaya, iBandla liya eKhaya, Alisoze laba kulokho. Manje, niyaqonda na?

190 Kodwa nje ngalesosikhathi sokuphela lesisibonakaliso sizobonakala futhi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kwakuseSodoma. IBandla elikhethiwe, hhayi elisivivi, anokwalo, kodwa elikhethiwe, iBandla elibizelwe ngaphandle (Ningayifunda ivaliwe na? Niyabo?), iBandla elibizelwe ngaphandle lizosemukela lesosibonakaliso, naleso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Yisibonakaliso sikaMesiya phakathi kwethu.

191 Asisibo oMesiya, kodwa uMesiya uphila kithi, okungukuthi *Mesiya* kusho ukuthi, "OGcotshiweyo," futhi Uzofanele asigcobe sonke. Uma Ugcoba oyedwa ngesibonakaliso, nomunye engasikholwa, bekuyosiza ngani na? Kuzofanele kube yithina sonke ndawonye. Futhi, ndawonye, uma uJesu Kristu ezobonakala lapha kulobubusuku, futhi enze izibonakaliso

ezifanayo zobuMesiya Azenza emuva lapho phambi kweJuda nomSamariya, ubuyoMemukela njengoMsindisi wakho nanjengoMphulukisi wakho na? Ubungakwenza na? Leso yisitatimende esikhulu. Memukeleni njengoMsindisi wenu. Manje, khumbulani Angephulukise. Into yaKhe yokuqala, Ufuna ukuba ukukholwe.

192 Yena unamadoda agcotshiwe lapha ukuba enze lokho, kodwa ngaphandle kwalokho, uNkulunkulu wabeka izikhundla ezine ezibizwa nguNkulunkulu eBandleni, AbaPhostoli, okuyizi*thunywa zenkolo* empeleni. *Isithunywa senkolo* kusho ukuthi, "othunyiwe," *umphostoli* kusho ukuthi, "othunyiwe." Kulungile. Isithunywa senkolo ngumphostoli. Kulungile. Abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, nabelusi, ngiqonde abahlanu esikhundleni sabane. Yizikhundla ezinhlanu uNkulunkulu azigcoba futhi wazifaka eBandleni. Uyakukholwa lokho na? Kulungile. Khona-ke uma sikholwa ukuthi kukhona abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, abavangeli, kunezikhundla ezine.

193 Ebandleni lendawo ngalinye kuneshumi nambili, noma, iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye, kwabaseKorinte bokuQala 12, iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye eMzimbeni. Niyabo, uNkulunkulu wabeka onke amalungiselelo ukugcina leloBandla lihlanzekile njengoba lingaba njalo, lingenabala noma umbimbi. E-hhe. Sisesikhathini sokuphela, bantu beZizwe, sisesikhathini sokuphela.

194 Manje, ngikholwa ukuthi uJesu Kristu usenguMesiya. Ngikholwa ukuthi ukuba Wayehlile lapho phambi kweSodoma, futhi wama eBandleni elikhethiwe . . . Khumbulani, Akazange ehlele eSodoma, Weza kwabaKhethiweyo, eBandleni. Leziziphiwo azithunyelwa . . .

Uthi, "Kungani ungashayi izikhungo ezinkulu zemizwa na?"

195 Izikhungo zemizwa ngabantu bakaNkulunkulu. E-hhe. Wozani emabandleni, izindawo ezincane. Akudingeki ukuba kube nezimbali, futhi . . . Yilokho okuyikho. UJesu wayengesuye obukisayo.

Bathi kuYe, "Kungani ungenyukeli kuKayafase na? Awukhuphukeli ngani lapha eJerusalema, uzibonakalise na?"

Wathi, "Isikhathi sakho sihlala njalo, esami asikafiki." UJesu wayengesuye obukisayo. Akazange abukise.

Wathi, "Nihlala kulesosigejane sabagingqiki abangcwele ezansi lapho, isigejane sabadobi, kanjalonjalo, yenyukela lapha kubantu bezinga eliphezulu."

196 Weza kulabo uNkulunkulu aMthumele kubo. Futhi bona . . . Senza lezizinto ngoba siholelwa ukuba senze lezizinto, uNkulunkulu wenza ukuhola kwabantwana baKhe. Ngethemba ukuthi nikubambile lokho.

197 Manje, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke mayelana nokuphulukisa, noma ubani uyafika futhi athi bangakuphulukisa, lokho kuyiphutha, lokho akukho ngokombhalo, Usevele ukwenzile. Uma umuntu ethi Angakuthethelela izono zakho, unephutha, sezivele zithethelelwe. Niyabo? Sezivele zithethelelwe, ufanele nje ukwemukele.

198 Kodwa kukhona abelusi abangakuhola, kukhona abafundisi abangafundisa, kukhona abavangeli, kukhona ezinye izinto, futhi kukhona abaprofethi, nazo zonke lezizinto ezehlukene, futhi ngosuku lokugcina isibonakaliso sikaMesiya sasizobonakala eBandleni.

199 Manje khumbulani, bangaki abake babona lesosithombe esathathwa ngalapha eHouston na? Yebo, mnumzane, konke ku. . . Kulapha ndawondawo manje, ngiqagele. Niyabo? Manje, sesithathwe ezweni lonke, into efanayo ngaso sonke isikhathi. Niyabo? Manje, YiNsika yoMlilo.

200 Manje, ngenkathi uJesu esemhlabeni, bangaki okholwayo ukuthi WayeyileyoNgelosi eyayinabo ehlane na? Wathi Wayeyiyo. E-hhe. UyiNgelosi yesivumelwano. Futhi U. . . lapha Wathi, "Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu." Ngabe kunjalo na? Khona-ke ngenkathi Efa, wavuka, futhi wavuka, futhi ngelinye ilanga uPawulu, noma, uSawulu wayesendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku, nokuKhanya kwamshaya kwamlahla phansi, okunye ukuKhanya. UPetru, Kungena esakhiweni, itilongo, futhi kwamkhipha. Nalokhu kuKhanya kungena uku—uku, kwashaya uSawulu waguqa ngamadolo akhe, Wayesethi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani."

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

Yathi, "NginguJesu. Ngivela eNsikeni yoMlilo, Ngibuyela emuva entweni efanayo eNgangiyiyo." Ngabe kunjalo na? Manje, iBhayibheli lathi lokho kuqinisile.

201 Awu, manje-ke, uma lolu kuwuhlobo olufanele. . . Uma KuyiNsika yoMlilo efanayo, khona-ke Izokwenza izinto ezifanayo Azenza. Uma leyoNsika yoMlilo enathi kulobubusuku, uma lowo kunguMoya kaJesu Kristu, Uyosebenza kuwe ngendlela Owenza ngayo kuYe. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Khona-ke lokho kukwenza kube yiqiniso. Manje, uma singaMbona efika enkundleni futhi enze ncamashi njengoba Enza, ngabe nonke nizokholwa ukuthi bekuyiNkosi uJesu na?

Asikhuleke.

202 Baba waseZulwini, kubukeka sengathi bengingakhuluma ubusuku bonke, iqembu elimangalisa kanjalo labantu, izinhliziyo zabo kanjalo nje, njengezitshana nje, Nkosi, zidonsa kuwe nje. Ngikuthanda kanjani lokho, Baba! Nokwazi ukuthi

ngikholwa ukuthi lokhu kungokuka-Abrahama, iBandla, abaBizelwe ngaphandle, iBandla elikhethiwe neqiniso leVangeli, lishunyayelwa!

203 Abaningi, Nkosi, bangahle bangakwazi ukugaqa bangene ezibonakalisweni ezehlukene, njengoba ngishilo, kodwa abami endleleni yabanye ukuba bakwenze. Nkosi Nkulunkulu, bayaKukholwa, bakholwa yi—yiZwi. Abaningi babo wayeshumayela ngenkathi ngisengumfanyana, futhi lapha, emi lapha kulobubusuku phambi kwamadoda anjalo, amadoda abambe iqiniso leVangeli esifubeni sawo! Abesifazane, banomkabo lapha, abathandiweyo babo, abantwana, abagulayo babo nabadingayo. Bamela lokhu, bona, eminyakeni eyedlula babengabaxoshwa, bexoshwe kwamanye amabandla, bama ekhoneni netamborini esandleni sabo, abanye besifazane bengenamali ngisho eyenele ukuthenga amasokisi amade, bama lapho nesiginci esidala ezandleni zabo, futhi basishaya, futhi bamemezela uMlayezo.

204 Nkulunkulu, ihora selifikile manje, ihora selilapha. Balungisa indlela, balungisa indlela yezinyawo ehlane. Sikhulekela ukuthi uMesiya kaNkulunkulu uzogibela ehle ngaleyondlela yezinyawo kulobubusuku, ehle angene phakathi kwabo. Sikhombise, Nkosi, uBukhona baKho, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu," loJesu ababekhuluma ngaye, futhi bama ngaphansi kokuhlushwa kweGama laKhe.

205 Nkosi, bonakala phakathi kwabo kulobubusuku, futhi ukhombise ukuthi Usenguye lowoMesiya ofanayo, ukuthi Awufile, Wavuka kwabafileyo, futhi Uphila eBandleni laKho. NguWe okanye nabo sonke isikhathi. Siphe khona, Baba. Nje asiKubone, futhi bonke bazokholwa, Baba. Sizinikela kuWe. Sikhulekela ukuthi Uzosipha lesisibusiso, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

206 Manje, ngizonicela manje, uma wonke umuntu ezohlala ezihlalweni zabo manje, imizuzu embalwa. Manje, bengingama lapha futhi ngikhulume ngalezizinto, kodwa manje, ngabe ziyiqiniso na? Leyo yinto elandelayo. Ngabe ziyiqiniso na? Abaningi benu abakaze bakubone, kodwa nisakukholwa. Niyabo? Usakukholwa, noma kanjani. Kodwa manje, angazi ukuthi Uzokwenza, kodwa ngethemba ukuthi Uzokwenza. Futhi uma Esebenza futhi enze ngendlela efanayo Ayenza ngenkathi Elapha emhlabeni . . .

207 Manje, indlela kuphela Angakwenza ngayo ngukuba mina ngizinikele kuYe, ngizinikele nje, futhi ngizidedise mina endleleni, nawe uzidedise wena endleleni. Manje, yileyondlela kuphela. Kanyekanye khona-ke sizobona uMesiya. Ukuba ngizinikele mina nje ngeke kukwenze, nje, ufanele uzinikele wena, futhi ngifanele ngizinikele mina, futhi ndawonye

uMesiya usebenza phakathi kwethu, ngoba singabantu baKhe, abakhethiweyo, abangcweliswe ngeGazi laKhe.

208 UMoya oNgcwele uhlala kithi, futhi Yena nje, njengaleyonkinobho encane inguMoya oNgcwele, lapho Ufika esimweni sombhaphathizo, khona-ke Uqala nje ukusabalala. Ngenkathi sisusa zonke izimpande zokubaba nobubi kithi, uNkulunkulu uvele athathe izintambo bese eqala ukunyakaza.

209 Bukani lemayikrofoni, leyo mayikrofoni iyi—iyisimungulu ngaphandle kokuthile okukhuluma kuyo. Lokho akusiyo imayikrofoni ikhuluma, yimi lowo. Ngakho bekungebe yimi okhulumayo, bekungaba nguYe, ngoba . . . Niyabo? Bekungeke kube nguwe okhulumayo, nguYe. Niyabo? Asazi lutho ngekusasa. Asazi . . . Angazi . . .

210 Akukho-muntu, selokhu kade ngihlezi lapha ngibuka kulendlu, engimaziyo, ngaphandle uma kuyoba nguMfowethu Moore noMfowethu Brown, lapha, uMfowethu Mercier, ohlezi emva kwami, indodana yami, ehlezi lapho.

211 Ngingahle ngazi abanye benu madoda uma bengiyo . . . ubuyongitshela ukuthi bekungubani igama lakho, noma ungitshele ukuthi sahlanganaphi, angazi, cishe impela ubazi abashumayeli. Bangaki phandle kulezizethameli owaziyo ukuthi ngiyisihambi kuwe na? Phakamisa isandla sakho. Angazi lutho ngawe, angazi lutho ngokulimala kwakho, izifo zakho, noma izinkathazo, noma okunye nokunye na? Niyabo? Yonke indawo.

212 Awu, ake nime kancane, ngikholwa ukuthi ni—ninikeze amakhadi. Kulungile. Sizozama amakhadi omkhuleko kuqala. Manje, ngeke saletha abaningi kakhulu phezulu lapha ngesikhathi. Bekuyini, Billy na? Ngabe bekungu A? Ikhadi lomkhuleko A. Manje, lowo ngu A, owokuqala kuya ekhulwini. Sizofanele siqale ndawondawo lapho. Siqala kwenye indawo, mhlawumbe kulobubusuku, kusasa ebusuku, kwenye indawo, ebusuku obulandelayo, kwenye indawo. Ngoba nje sasivamise, sasiqala . . .

213 Ngi—nginikeze amakhadi ami, abaningi benu bayakhumbula, ezansi phakathi lapha, ngangivamise uku . . . Ngiwanika umfo ngesinye isikhathi, bambamba ethengisa amakhadi omkhuleko ukuthola omunye emgqeni womkhuleko, ngakumisa lokho ngokukhulu ukushesha, ngabeka umfowethu kukho. Manje, kwase kuthi-ke indodana yami iyafika, ngayibeka ukuba iwakhiphe, namadoda athembekile.

214 Bese kuthi-ke ngifika, okwesikhashana ngiyoba nabantwana abancane *kanje* ukuba basukume, sengathi ngiyoba noJunior omncane lapha, ngiyothi, "Yima, bese uqala ukubala, Junior, futhi noma yikuphi lapho oyeka khona ukubala, yilapho engizobiza khona." Hhe! Kukholwe noma ungakukholwa, sisalokhu singabantu. Umama wayemisa uJunior ngqo enombolweni yakhe, niyabo, khona lapho okwakukhona.

Ngakho angikwazanga ukukwenza ngaleyondlela, kuqubuka izikhalo. Ngakho, ngobunye ubusuku emkhulekweni uMoya oNgcwele wavele wathi nje . . .

215 Bese kuthi-ke, into yokuqala engiyenzayo . . . Umhlangano wokuqala, ngehla, ngakhipha wonke, wonke umuntu ikhadi lomkhuleko, nginika umelusi ngamunye amakhadi omkhuleko ayikhulu ukuba anikezele kowakhe . . . ngikholwa ukuthi yileyondlela esikwenze ngayo lapha okokugcina, ngiyakholwa, emhlanganweni waseBeaumont. Kodwa umuntu wokuqala wangenisa iqembu lakhe, lokho kwakuxazulula kubo bonke. Niyabo? Ngakho ubungeke ukwenze lokho.

216 Futhi indlela kuphela, ngokufanele, sayithola ukukwenza kwaba ngukuwakhipha nsuku zonke. Wonke . . . Futhi lokho, uma umfo, uma ukhulekelwe, ubufanele uze emhlanganweni wokuqala, kungenjalo ubuphumile. Umfo uyafika ngosuku lwesibili, akakwazanga ukuthola ikhadi lomkhuleko, ngosuku lwesithathu, akunandaba ukuthi kwakuyini, wawubophezelekile ukubakhulekela kuqala. Niyabo? Ngakho abazange bangene emgqeni womkhuleko.

217 Ngakho manje esikwenzayo ngukuwakhipha, sekuyiminyaka, siwakhipha, wonke nyanye kanye, nsuku zonke. Futhi ngalobobusuku siyehla, nomaphi nje lapho uMoya oNgcwele uqala ukusebenzana nami. Ngezinye izikhathi ngangibala ukuthi bangaki oku*lolu*, bangaki ongaku*lolu*hlangothi, futhi ngibehlukanise nga*lolu*hlangothi, ngiqala kanjalo, nomaphi, asazi, nje noma yikuphi lapho uMoya oNgcwele ubeka khona engqondweni yami, khona-ke ngiyazi.

218 Indoda iyenyuka ukuba ikunike ikhadi lomkhuleko, abafana bazoza phambi kwenu, kuqala, bese bethatha lamakhadi omkhuleko bese bewaxuba, onke, phezulu phambi kwenu, bese beyaphuma baninike. Ungahle uthole elesikhombisa, uthola elamashumi amane-nanhlanu futhi uthole elekhulu, futhi kanjalo, indoda elandelayo kuwe. Onke exovekile, ngakho ngakho-ke lapho ngehla, khona-ke lokho kuhlolwe kabili, ukuthi akekho ongathi, "Awu, bathengisa amakhadi omkhuleko ukuze bathole omunye emgqeni womkhuleko." Ngeke sakwenza lokho, niyabo, onke nje axutshaniswe ndawonye.

219 Bese kuthi-ke uMoya oNgcwele uphuma ngqo, bese ucosha labo abaphandle lapho ongenalo ngisho ikhadi lomkhuleko, niyabo, usho izinto zingakenzeki. Qhabo, niyabo, kungumqondo nje ukuthola omunye umuntu phezulu lapha, ukuze ngithole ugcobo kimi, futhi uthole ugcobo kuwe, uthole uMoya oNgcwele.

220 Ngakho kulobubusuku ake siqale nje kwelokuqala okokuqala, ukuqala, sibone ukuthi bangaki esingabakhuphula. Owokuqala, ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala na? Uma ungakwazi ukuhamba manje, lapho ikhadi lakho selibizwa, abanye babazalwane lapha bazokusiza. Ikhadi lomkhuleko A,

elokuqala. Likuphi na? Buka ikhadi lakho lomkhuleko manje. Ikhadi lomkhuleko A, elokuqala. Uqinisekile ukuthi unikezele ngamakhadi omkhuleko na? O, ngi. . . Kulungile. Yenzani inenekazi lize ngapha uma likwazi ukuhamba, uma likwazi, liyakwazi ukusukuma.

221 Elesibili. Ubani onelesibili na? Phakamisani izandla zenu masinyane ukuze sibone. Khona lapha. Woza khona lapha, Dadewethu. Manje, uma ningenakusukuma, phakamisani izandla zenu nje, futhi sizoza sinithwale. Niyabo? Elesibili, elesithathu. Ubungasiphakamisa isandla sakho na? Lelinenekazi na? Elesine, elesine. Senza lokhu ukugcina ukuhleleka.

222 Ake nginikhombise okuthize: Bangaki phakathi lapha ofuna ukukhulekelwa, phakamisani izandla zenu, kuso sonke isakhiwo. Kulungile. Ubani ofuna ukuba ngowokuqala na? Nakho lapho okhona. Niyabo? Ufanele ukwenze. Ufanele nje, ukugcina ukuhleleka.

223 Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine. Ubani onekhadi lomkhuleko lesine na? Kulungile, woza lapha, nenekazi. Elesihlanu, ubani onekhadi lomkhuleko lesihlanu na? Woza ngapha ngqo, nenekazi. Nonke shayani umugqa manje. Elesithupha. Elesithupha, emuva lapha. Kulungile. Elesikhombisa. Ikhadi lomkhuleko lesikhombisa. Ungasiphakamisa isandla sakho na? Ikhadi lomkhuleko lesikhombisa.

224 Bhekisisani, omunye abuke lababantu, kukhona umfana omncane okhubazekile ohlezi ngapha, nabesifazane ababili, nabathathu ngapha ezihlalweni ezinamasondo, bhekisisani amakhadi abo omkhuleko manje. Niyabo?

225 Elesikhombisa. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa. Elesishiyagalombili, elesishiyagalombili, ungasiphakamisa isandla sakho uma ungasiphakamisa na? Emuva le. Elesishiyagalolunye. Kulungile. Ishumi, eleshumi, eleshumi nanye. Kulungile, yileyondlela. Ishumi nanye, ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nane. Kulungile. Ishumi nane. Ngabe kulapho na? Ishumi nanhlanu, ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha. Kulungile. Ishumi nesikhombisa, ishumi nesishiyagalombili. Ngikugejile. Ishumi nesishiyagalombili, ishumi nesishiyagalombili. Ikhadi lomkhuleko leshumi nesishiyagalombili.

226 Awu, lokho kwanele. Mabame khona lapho umzuzu. Singaqala ukukhulekela laba-ke. Manje, khumbula, njengoba ikhadi lakho lomkhuleko libizwa, yiba semgqeni ngqo. Kulungile.

227 Manje, manje, lapha, Dadewethu, qhabo, wena—wena ngena, o, ngabe, o, iyiphi inombolo onayo lapho na? Ishumi nesishiyagalombili. Buyela emuva ngqo lapho emgqeni khona

lapho, emuva ngqo lapho, abafana bazokufaka emgqeni. Lapha, khona lapha, woza wedlule lapha, nenekazi, ngapha, khuphuka ngapha.

228 Manje, bangaki phakathi lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi nokho uyagula, ufuna uNkulunkulu akuphulukise na? Kulungile, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Ngizama ukuthola u—umqondo wokuthi ukuphi. A-hha. Cishe nje jikelele, ndawo zonke. Kulungile. Manje, uma ungenalo ikhadi lomkhuleko, ngiyakutshela ukuthi ngifuna wenzeni, wena ongenalo ikhadi lomkhuleko, yenza lokhu: Uma iNkosi iqala ukuphulukisa abantu emsamo, khona-ke bheka phezulu lapho, bese uthi, "Nkosi, yena ungitshele . . . "

229 Futhi ake sibuze lababefundisi lapha. Ngabe iBhayibheli liyasho manje ukuthi uJesu manje, eNcwadini yamaHeberu, ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Ngabe kunjalo na? Awu, manje-ke, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, uma uMthintile, Ubeyokwenza kanjani na? Indlela efanayo Enze ngayo izolo, uma Enguye izolo, namuhla. Khona-ke Yena . . .

230 Manje, lokho akusenzi sibe nguJesu. Niyabo? Lokho nje kusenza izinceku zaKhe. Niyabo? Siyizitsha zaKhe Anazo, esebenza ngathi. U—Usebenzisa abantu kube yizitsha zaKhe—zaKhe ukuba asebenze ngazo. Akunjalo na?

231 Kulungile. Ngifuna umuntu ngamunye ukuba ugcine isikhundla sakho, thula ngempela, qhubeka ukhuleka. Manje, angisho ukuthi kuzokwenzeka. Manje khumbulani, uma ngi . . . Ake sibone, kukuphi na? (Mfowethu Jack, msize, msize njengoba eza. Awu, lapha, yena, makeze ngapha manje, akhuphuke.)

232 Manje, manje lababantu lapha, manje, ngamunye emgqeni womkhuleko, ngifuna ukubuka ngamunye wabo, manje, bonke bayizihambi kimi, angibazi. Uma ngiyisihambi kini nonke, phakamisani izandla zenu, lokho ngukuthi angikwazi, angazi lutho ngawe, noma yini. Kulungile. Manje, letha lelinenekazi lapha kimi. Niyangizwa kahle na? Manje, ngezinye izikhathi lapho lologcobo lushaya, a—angazi ukuthi ngikhuluma kakhulu kangakanani. Niyangizwa kahle, emuva lapho na? Ukuzwakala komsindo. Ukuba bengikhuluma kanje, beningangizwa nokho na? Niyabo?

233 Manje, lokhu akusiyo yini into emangalisayo na? Lapha leliBhayibheli lizofanele litholakale ukuthi liyiqiniso, noma liyiphutha; izithembiso zikaNkulunkulu zizofanele zitholakale ziyiqiniso, noma ziyiphutha. Manje, nampa lababantu baphakamise izandla zabo ukuthi abangazi, nami angibazi; nonke niphakamise izandla zenu.

234 Manje, ngiyanitshela, uma ninokungabaza okuncanyana, uthi nje, "Nkosi Jesu, leyondoda ayingazi, futhi ngiyazi ukuthi ingumuntu nje. Kodwa ngizothinta ingubo yaKho, ngoba

anginalo ikhadi lomkhuleko, ngizothinta ingubo yaKho, khona-ke Wena iphendule futhi ikhulume nami, njengowesifazane owathinta ingubo yaKho, khuluma nami, futhi khona-ke lokho kuzo—lokho kuzongikholisa yonke impilo yami. Niyabo? NgiyaKucela nje ukuba wenze lokho uma eba ngogcotshiweyo." Manje, ungambona uJesu na? UbungaMbona kanjani na? Njengoba Ehamba kithi. Manje yibani semkhulekweni.

235 Manje, angi. . . Manje, nxa ngithi hloniphani ngokuzithoba futhi nithule, angiqondile. . . Ngenkathi—ngenkathi simi lapha, niyabo, ngiyabhekisisa, akungabibikho muntu othatha isithombe, ngoba KungukuKhanya.

236 NgeSonto eledlule, bekuyivikini eledlule, leNsika yoMlilo efanayo yama ebandleni lami imizuzu eyishumi nanhlanu, amakhulu abantu ama lapho ekhala, ewa ngamadolo awo, nakho konke, yama khona lapho, imizuzu eyishumi nanhlanu, phambi kwezethameli zonke ngqo, baYibuka.

237 Mfowethu Gene, ubulapho, ubungekho na? Mfowethu Leo na? Qhabo, ake sibone, wawusezansi lapha, kunjalo, wawusezansi lapha eningizimu. UMfowethu Gene, omunye we. . . UMfowethu Sothmann, ufanele abe ngalapha ndawondawo, uMfowethu Fred Sothmann. Nikuphi nonke, bazalwane na? Ndawondawo, lapha. Babelapho. Ya, emuva ngemuva. Imi lapho, saYibuka imizuzu eyishumi nanhlanu, imile, Yona khona lapho phambi kwethu kanjalo, siYibuka.

238 Ngithemba ukuthi Izozibonakalisa Yona uqobo futhi lapha eBeaumont kini bafo lapha. Khumbulani, Iyilokho kuKhanya okufanayo okwalandela abantwana bakwa-Israyeli, YiYo efanayo eyashaya uSawulu yamlahla phansi, ingena etilongweni, NguJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade. "Banumzane, sithanda ukubona uJesu."

239 Manje, Baba waseZulwini, lokhu kukude lapho izidalwa ezingabantu zingahamba khona. Si—manje sivuma izono zethu, konke ukungakholwa kwethu, futhi sicela ukuthi Uzoza nathi kulobubusuku, ukuthi lamazwi nezithembiso. . . Manje, Wethembisa, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Futhi ngizamile ukufanekisa lokho kubo kulobubusuku, Baba, ukuthi singabeZizwe, lokhu kwakungenkathi Wawufikela uMlobokazi wabeZizwe, ukuphela konyaka wabeZizwe.

240 Ngibatshelile, futhi ngakhombisa eBhayibhelini kulobubusuku, ukuthi Wazifakazela kanjani Wena uqobo ukuthi unguMesiya wabantu kumaJuda, uMesiya kumSamariya. Manje, Nkosi, khombisa isibonakaliso esifanayo sikaMesiya, kulobubusuku, ukuthi Awufile kodwa uyaphila, futhi Unabantu baKho, kwabeZizwe, ngokuba ngabafileyo kuKristu siyiNzalo ka-Abrahama, Nkosi, futhi siyizindlalifa kanye naye esithembisweni.

241 UMoya oNgcwele mawuze, kulobubusuku, futhi uthathe ubuntu bethu—bethu, lonke lelibandla, libe ngowalo, uxoshe konke ukungakholwa phakathi kwethu, futhi makuthi umBhalo ocashuniwe kulobubusuku, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu," khona-ke bathola isifiso senhliziyo yabo, kwangathi singathola into efanayo kulobubusuku, ngoba kulotshiwe, "Celani, futhi niyakuphiwa." Sikunikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

242 Manje, asibazi lababantu. Angilazi lelinenekazi, libukeka, ngiyethemba, selithe ukuba lidadlana impela, mhlawumbe, kunami. Futhi impela angizi neze lapha ukukhohlisa lo ompofu, owesifazane osempunga. Nginomama ekhaya, ekhuleka kulobubusuku, engibongayo ngaye, akungabazeki lona ngumama womunye umuntu.

243 Manje, sihlangana impela nje njengoJohane oNgcwele 4. Nangu owesifazane, awungazi, angikwazi. Manje, siphakamise izandla zethu, a—angikwazi, nawe awungazi. Manje silapha.

244 Manje, ngenkathi uJesu ehlangana nowesifazane Ayengakaze ambone ngaphambilini, emthonjeni, umuzi waseSamariya, umthombo womphakathi, kusendaweni encane ebonakala ngasikhathi sinye, into efana nale, futhi bahlangana okokuqala, futhi Wakhuluma naye imizuzu embalwa waze Wathola ukuthi inkathazo yakhe yayiyini, wayese-ke emtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe.

245 Kwase kuthi-ke ngenkathi Emtshela inkathazo yakhe, wathi, "Mnumzane, ngi—ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena." Wathi, "Siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uyositshela lezizinto, kodwa Wena unguBani na?"

Wathi, "NginguYe."

Wabuyela emuva futhi wafakaza futhi watshela wonke umuntu, "LoMuntu ungitshele inkathazo yami. Akusiso yini leso isibonakaliso sikaMesiya na?"

246 Manje, bekungaba yisibonakaliso sikaMesiya kuwe na? Uma Efika kulobubusuku, futhi, lapha ngingowesilisa, ungowesifazane, sibonane okokuqala, uma Ubengeza, angitshele inkathazo yakho, noma okuthize ngawe owaziyo ukuthi angikwazi, khona-ke uma, ukukwenza kungabi nakuphosisa, uma Engakutshela into ethize oyenzile, into ethize emuva lapho okwenzile, noma okukade kukhona, uma Azi ukuthi ubuyini, noma wenzeni, kungani ngempela Angazi ukuthi uzoba yini, noma wenzeni. Ngabe kunjalo na?

247 Isibonelo nje, uma, njengesiphiwo sokuphulukisa, akungabazeki kodwa ukuthi lesosiphiwo sikuyo yonke indlu kulobubusuku, iziphiwo eziningi zokuphulukisa, manje, ukuba bengikwenyusele lapha, ngabeka izandla phezu kwakho, ngase ngithi, "Haleluya! Makadunyiswe uNkulunkulu!" abanye babafowethu baneziphiwo zokuphulukisa, bebeyothi,

"Uzosinda. Makadunyiswe uNkulunkulu! Qhubeka," lokho—lokho kunjalo, bengingakukholwa lokho, impela. Ngikholwa ukuthi ngamunye walabobafowethu uneziphiwo zokuphilisa. Ngicabanga ukuthi uNkulunkulu uzobenza baphendule ngendlela abakusebenzisa ngayo izikhathi eziningi, kodwa mina, niyazi, ngenza imali, nezinto ezinjalo, kodwa ngi—kodwa ngikholwa ukuthi yiziphiwo zikaNkulunkulu. Ngiyakholwa, bebeyoba nenhlonipho yokuzithoba kakhulu kubo, iziphiwo bezoba zinkulu ngokwedlulele, futhi bekuzoba njalo.

248 Kodwa ngikholwa ukuthi uma umuntu efika wakutshela ukuthi wayenesiphiwo sokuphulukisa, wayengumfowethu kuKristu, angikhathali ukuthi wayesonta kuliphi ibandla, bengisayolokhu ngithi wayeyindoda kaNkulunkulu, uma ebeke izandla zakhe phezu kwakho, wathi, "Ngibeka izandla zami phezu kwakho, hamba futhi uzosinda," ngiyakukholwa lokho, impela. Kodwa—kodwa ungahle ube nokungabaza okuncane nje ukuthi ngabe ubuzosinda noma qha, ngoba ufanele nje uthathe izwi lakhe ngakho.

249 Kodwa manje, uma uKristu efika futhi amboze ngisho konke lokho, ubuyela emuva ngaleya, futhi akhulume kuwe ngakho, ukutshela into ethize emuva lapho, akhuphukele lapha futhi akutshele ukuthi yini engalungile ngawe, nokuthi wenzeni, khona-ke uyazi ukuthi lokho kuzofanele kube uhlobo oluthile lwamandla, akunjalo na? Ngoba siphakamise izandla zethu phambi kwaleliBhayibheli, noNkulunkulu, nalezizethameli, asazani.

250 Kodwa uma Ezongembulela into ethize engalungile kuwe, into ethize oyenzile, into obungafanele uyenze, noma into ethize ozama ukuyenza, noma ulungiselela ukuyenza. . . Futhi ungahle ukuba umele omunye umuntu lapha, kungahle kube yizinkathazo zezimali, kungahle kube yizinkathazo zasekhaya, angazi. Ngi—ngivele nje. . . Ungowesifazane nje omi lapho.

251 Ngabe izethameli ziyakuqonda lokho na? Ngaphandle, niyakuqonda lokho na? Manje, uma uJesu enguye izolo naphakade, uma edinga noma yini, Usevele umhlinzekele khona, into kuphela Angayenza ngukuZazisa nje. Manje, ukuba Ubemi lapha egqoke lesudu Angipha yona, Ubengenze okungaphezu kwalokho Akwenzayo khona manje, ubuyodingeka ukholwe ukuthi Wakwenzela wena, ngoba ngumsebenzi osuqediwe. Manje, nonke niyakukholwa lokho na? Manje, uma Ezokwenzela lona wesifazane lokho, bangaki abazokwemukela laphaya, futhi bakukholwe na?

252 Manje, eGameni likaJesu Kristu, ngithatha wonke umphefumulo phakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu.

Uphethwe isibhono. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

Uyakholwa manje na?

253 Ngikubambile lokho, ungakucabangi lokho. Manje, ucabange ukuthi ngikuqagelile lokho. Angizange. Ungakucabangi lokho. Manje, uzowona nje umhlangano, ufanele ukholwe. Kuvela ndawondawo. Niyabo? Ungakucabangi lokho.

254 Ungumuntu onomoya omuhle, ungumKristu, unomoya omuhle, hhayi umuntu ohamba ngokucela ulifti, u—u—ungumKristu, kunjalo, ngoba ngikuzwile okwakho . . . Ubungaba yisoni. "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!" Niyabo? Umoya wakho uyafakazisa ukuthi ungumKristu.

255 Yebo, unesibhono, unesifo sokuvuvuka komphimbo ngaphakathi, unenkathazo yenyongo, futhi unenkathazo yenhliziyo, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo, phakamisa isandla sakho.

Uyakholwa manje na?

256 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukuthi ungubani na? Uyakholwa ukuthi Angangitshela ukuthi ungubani na? Bekungaba yinto efanayo Ayitshela uPetru na? Nkk. Roundtree, hamba uye ekhaya, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho futhi uzosinda.

Manje uyakholwa na? Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Manje, kuqale ezethamelini, kinina bantu laphaya. Hloniphani ngokuzithoba ngempela, nilokhu nikhuleka nje.

257 Manje, inenekazi elimi phambi kwami liyisihambi, lincane kunami. Esinye isigcawu, owesifazane, indoda ihlangana ndawonye. Angikaze ngimbone empilweni yami, kodwa uNkulunkulu uyamazi. Futhi uma siyizihambi komunye nomunye, nenekazi, siyizo na? Siyizihambi. Hlonipha ngokuzithoba ngempela manje.

258 Manje, angikaze ngilibone, angilazi, khona-ke uma uMoya oNgcwele uzongembulela okuthize ngalo, malibe ngumahluleli ukuthi ngabe kuqinisile noma qha.

259 Lilapha ngenxa yenkinga yokomoya, unezinkathazo zokomoya. Ukhulekela umntwana, nawe, awunjalo na? Intombazanyana ene . . .? . . . amehlo amabi, hhayi lapha. Kunjalo. Unosikwiza esibhedlela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile ngaye na? Unenyumoniya. Futhi kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje, hamba, futhi ube nokukholwa kuNkulunkulu, futhi ukholwe ukuthi yona izo . . .? . . .

260 Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, yonke inhliziyo yakho ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, uyaphila futhi uyabusa na? Manje, ufanele ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Manje, ngabe, awu, ngabe lokho kuyasenelisa

isifiso sakho, "Banumzane, sithanda ukubona uJesu?" Manje, bengingakwenza kanjani . . . ?

261 Manje, uzofanele uthi uhlobo oluthile lwamandla luyakwenza. Manje, uma ufuna ukukubiza ngamandla kadeveli, kulungile, qhubeka, futhi uthole lowomvuzo. Niyabo? Kodwa uma ukholwa ukuthi nguJesu Kristu nje esebenzisa iBandla laKhe, ngokwe . . . Ngikuqede ngokuphelele ngeBhayibheli, ukuthi yisithembiso sikaNkulunkulu. Ngabe kunjalo, Mfundisi ohloniphekile na? Isithembiso sikaNkulunkulu. Niyabo?

262 Lalelani, inkathazo ngabantu bePentecostal namhlanje, abaningi kakhulu bethu, simbonile uNkulunkulu enyakaza kakhulu ngangokuthi kuze ku—kuba ngokwejwayelekile kithi. Niyabo?

Ngabe lona ngumuntu olandelayo na? Angisangene, kodwa ngezinye izikhathi uMoya udonsa bonke ezethamelini.

263 Ngakho, angikwazi, awungazi, siyizihambi omunye komunye. Uma uMoya oNgcwele ungangembulela okuthile o—okwaziyo ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha, u—ungakufakazela lokho, noma ngabe kuyiqiniso noma qha. Unobuthakathaka, inkathazo yokwethuka. Kade usesibhedlela, futhi uphethwe ubuthakathaka ngalokho kuhlinzwa, futhi kwakungumdlavuza, futhi bakhipha inqwaba yezitho zakho, ingxenye yamathumbu, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Manje buka, uyazi ukuthi iNto ethize lapha iyakwazi, ukuthi lologcobo luphezu kwami manje, naphezu kwakho, mangibeke izandla phezu kwakho.

Nkosi Jesu, ngicela ukuphulukiswa kwakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Hamba manje, ungangabazi. Hamba ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Yiba nokukholwa manje, qala ukukholwa.

264 Sawubona, Dadewethu? Wena nami siyizihambi omunye komunye, futhi. Angikaze ngikubone, awukaze ungibone, ngakho-ke lokhu ngukuhlangana kwethu kokuqala. Sazalwa ngamamayela ngokwehlukana, iminyaka ngokwehlukana, okokuqala si—okokuqala sihlanganile. Yiba nokukholwa nje manje, qhubeka nje ukholwa, ungangabazi.

265 Uthinte Yena, inkathazo yentamo yakho izosuka kuwe, futhi uzoba kahle. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uhlezi lapho, wesula amehlo akho. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uNkulunkulu uzokusindisa.

Uthinteni na? Uqhele ngamafidi angamashumi amathathu kimi, uthinte Into ethize, uthinte umPristi oMkhulu.

266 Inenekazi elihlezi eduze kwakho lapho linenkathazo ngamehlo alo, liphethwe yinkathazo yamehlo, nalo. Liyakholwa ngayo yonke inhliziyo yalo, lingaphulukiswa, futhi. Amen. Niyabo?

Yiba nokukholwa, futhi ungangabazi.

267 Uhlushwa yinkathazo yenhliziyo, unokuvuza kwenhliziyo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kukho na? Uyangikholwa njengomprofethi kaNkulunkulu, noma, inceku yaKhe na? Lelogama liyabakhuba abantu ngezinye izikhathi. Uyakukholwa na? Uzama ukususa umkhuba, futhi, awunjalo na? Uyapilomba. Wena, ubufuna ukukuyeka manje na?

268 Ngiyakuyala, develi, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi suka kulona wesifazane, myekele, eGameni likaJesu Kristu!

Hamba ukholwa, ungangabazi. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

Sawubona? Siyizihambi omunye komunye, uNkulunkulu usazi sobabili. Ngabe kunjalo na?

Ulokhu edonsa nje kulezozethameli, phandle lapho.

269 Angikwazi, siyizihambi omunye komunye. Umncane kakhulu kunami, sizalwe ngokwehlukana ngeminyaka, ngamamayela ngokwehlukana, nokuhlangana kwethu kokuqala.

270 Manje, lokhu bekungaqhubeka nje ubusuku bonke, niyabo, kodwa ngifuna nithole ukukholwa kwenu kulungiswe noNkulunkulu. Kuzokwenzeka kulona wesifazane, nonke nizokholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? Makabe ngumahluleli.

271 Bengizothi, "Uma noma ubani lapha emazi," kodwa akasuye owakulelidolobha, uvela kwenye indawo. Kunjalo. Kodwa uhlushwa ukwethuka, inkathazo yamaphaphu, inkathazo yabesifazane. Kunjalo. Nkk. Olds, uyafuna ukubuyela ekhaya, usinde na? Hamba endleleni yakho ubuyela emuva, usinde, eGameni likaJesu Kristu.

272 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke. Uyakholwa na? AsiMkhonze khona-ke, futhi sithi, "Baba Nkulunkulu, siyaKubonga ngentethelelo yaKho . . . ? . . . Baba Nkulunkulu . . . ? . . . siyaKubonga ngenxa yokwaKho . . . ? . . . eGameni likaJesu."

273 Sikhulekela ukuthi Uzogcoba abantu, Nkosi, ukuze bazi Wena ukuthi unguNkulunkulu weqiniso nophilayo. SiyaKubonga, eGameni likaJesu. Amen.

274 Kulungile. Ukuba-ke ngikutshele ukuthi uphulukisiwe uhlezi lapho esihlalweni na? Ubungangikholwa na? Kulungile. Qhubeka uphume, futhi inhliziyo yakho ngeke isakuhlupha, ungaphulukiswa.

275 Unento efanayo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa inhliziyo yakho, futhi akusindise, nawe na? Uma u...Uma ungakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, khona-ke hamba ngendlela yakho, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu," futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

Kulungile. Hamba udle ukudla kwakho kwakusihlwa manje, inkathazo yakho yesisu ikushiyile, ngakho qhubeka uhamba ngqo.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke...?...Akunandaba—akunandaba ukuthi yini engalungile kuwe, yiba nokukholwa kuNkulunkulu nje.

276 Unesisu esinokwethuka, kodwa uNkulunkulu uzokusindisa uma uzokukholwa. Uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Hamba ngendlela yakho, futhi uthi, "Ngiyabonga, Nkosi."

Awusoze wakhubazwa yisifo samathambo uma uzocela uNkulunkulu ukuba akuphilise. Qhubeka, kholwa. UNkulunkulu akubusise.

277 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, wonke umuntu na? UNkulunkulu usalokhu e...Kuthiwani ngani bantu laphaya abangenawo amakhadi omkhuleko na? Niyakholwa na? UNkulunkulu unguNkulunkulu, Akasuye na?

278 Uthini laphaya, mfo na? Ufuna ukuyeka labosikilidi futhi uyeke ukubhema na? Phakamisa isandla sakho, futhi udumise uNkulunkulu. Ngeke besakuhlupha.

279 Ohlezi khona lapho eduze kwakhe, kukhona owesifazane ngapha, ongibukayo, onesifo sokucinana kwemithambo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kulokho, nenekazi na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Phakamisa isandla sakho, bese uthi, "Ngiyakwemukela."

280 Kulungile, nakho lapho okhona. Uthinteni na? Bathinteni na? Bathinte iNkosi, hhayi mina. Abanye benu nonke, nifuna ukukholwa na?

Lelinenekazi elihlezi khona lapha eliguliswa okungazwani nomzimba, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, Dadewethu na? Kulungile, phakamisa isandla sakho, usinde.

281 Inenekazi elihlezi lapho lingibuka lapha, lifake lesi sigqoko esikhulu esibukhwebezane, lihlushwa emuva lapho yisifo sokopha, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nenekazi na? Sukuma ume ngezinyawo zakho uma lokho kunjalo. Umyeni wakho ohlezi eduze kwakho ngqo lapho uhlushwa ukucindezeleka kwengqondo. Sukuma ume ngezinyawo zakho, mfowethu, futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho. UNkulunkulu uzokusindisa.

282 Niyakholwa, nonke na? "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Labo bekungabantu abangenawo amakhadi omkhuleko. Ulapha

ukuba aphulukise, Akanjalo na? Manje, uma nikholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile, uMarku 16 washo lokhu (Bangaki kini abangamakholwa na? Phakamisani izandla zenu manje.), UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Ngabe kunjalo na? Ngabe Wakusho na? Awu, uma ningamakholwa, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye.

283 Lesi yisikhathi sikadeveli ukuba ehlulwe, khona lapha, wonke umuntu angaphulukiswa. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Khulekela umfo obeke izandla zakho phezu kwakhe. Nina lapha emgqeni womkhuleko bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Hamba ukholwa. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

284 Manje, wonke umuntu, wonke umuntu, khona lapho uMoya oNgcwele usahamba esakhiweni manje, ngilaleleni, uma nginitshele iqiniso lapha, noNkulunkulu ukuqinisekisile ukuthi nginitshela iqiniso, nonke niphulukisiwe, uphulukisiwe selokhu uJesu afela ukuphulukiswa kwakho.

285 Manje, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Ungazikhulekeli wena, kodwa khulekela lowo obeke izandla zakho phezu kwakhe. Beka izandla zakho phezu komunye nomunye manje.

286 Manje, yisho lomkhuleko emva kwami: "Nkosi, ngiyakholwa! Ngikholwa ukuthi lomuntu engibeka izandla zami phezu kwakhe uzakuphulukiswa. O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamazulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle!"

287 Sathane, ngiyakukhuza, phuma kubo eGameni likaJesu Kristu!

